# *INCWADI*

# *YOKUPHILA YEWUNDLU*

Sanibona ekuseni, bangani. Kube ngokungimangazayo ukuba lapha namhlanje. Bengingalindele ukuba lapha. Bengizoba sezanzi eKentucky. Futhi nomngani wami impela othandekayo waba nokugula ngokwesabekayo, uMfowethu Lyle McSpaddin. [Akuqoshwanga eteyipini] . . . esimweni sokufa esibhedlela. UNkk. Fergerson obevame ukuza lapha, indodana yakhe ifa, futhi, esibhedlela. Futhi ngakho-ke angihambanga, futhi nje ngahlalela bona.

2 Futhi ngakho-ke uMnu. Matheny webandla lePentecostal eNew Albany, kuMgwaqo uSilver, ukudlula nje i . . . Kuphakathi . . . Kuku-Oak noSilver, ngiyacabanga. Futhi u . . . Bengifanele ngimkhulumele namhlanje ebusuku, futhi ngamtshela . . . Ngakukhansela, ngolwesiThathu olwedlule, futhi ngamtshela ukuthi bengizolinda ngize ngibuye ngisuka eIndianapolis. Futhi khona-ke nje njengoba ngigijimela esibhedlela izolo, ukubona uMfowethu uLyle, ngani, ngihlangane naye. Futhi wathi, "Awu, ngiyabona awuhambanga."

Futhi ngathi, "Qhabo."

Wathi, "Awu, woza, khuluma, empeleni."

3 Ngakho-ke, ngiqagele, iNkosi ithanda, ngizoba sezansi lapho namhlanje ebusuku, ukukhulumela uMfowethu Matheny. Futhi, yebo, ngimtshelile, ukuthi ngenkathi siye ezanzi lapho, bengizoba nenkonzo yakhe yokuphulukiswa. Futhi ngokuvamile ngiyathanda ukuzila ukudla cishe izinsuku ezintathu ngaphambi kwenkonzo yokuphulukiswa. Ngakho-ke ngamtshela ukuthi bengizokhuluma, futhi uma noma ubani lapho, besizobakhulekela, empeleni, nje u—umugqa womkhuleko ojwayelekile.

4 Manje, sinelinye iviki ngaphezulu, iviki kusukela kuMsombuluko olandelayo, manje kuze kube izinkonzo ziyaqala eTabernakele iCadle eIndianapolis. Futhi siyathemba ukuthi iNkosi izosibusisa phezulu lapho, kowedlulele omkhulu umhlangano. Njengomntwana, enokulindela uKhisimuzi, ngilindele leyonkonzo. Ngi . . .

5 Nina, into ethize nje ngokukhonza iNkosi, sithola ukukhathala kakhulu ngesinye isikhathi, kuze kubukeke sengathi ngeke sisakwazi ukuqhubekela ngaphambidlana. Futhi ngakho uma uphumula enhla, usuku nje noma ezimbili, kunento ekushayayo futhi—futhi uzofanele uhambe futhi. Ngakho-ke,

namhlanje, silapha ngenhloso eyodwa, leyo nguku, khonza iNkosi.

6 Futhi ngaphambi nje kokuba nomkhuleko nokufundwa kweZwi, ngifuna ukuxolisa esidlangalaleni kuMfowethu Neville. Ngi . . . Izolo, ngihlale ekhaya ngisuka ezansi eKentucky, izolo, okungokuhlosiweyo, ukumshumayelela ekusakazeni. NgoMgqibelo olandelayo, futhi uNkulunkulu ethanda, noMfowethu Neville ethanda, ngifuna ukukhuluma ekusakazeni kwasekuseni ngoMgqibelo olandelayo, ukwenzela uMfowethu Neville.

7 Futhi ngakho-ke, waba nomusa ukungixolela, kalula. Wathi . . . Ngiqagele ngamqonela, futhi ungomunye walabo bafo onga . . . Ngingadlulisela ukuncoma emuva, futhi, "Ngilindele umuntu othize." Futhi okungenze ngaphatheka kabi bekusesekuseni ngalokho kusa lapho ngenkathi bengibizele kuMfowethu Lyle kanye nabo, eNew Albany. Futhi ngi . . . Bekuthi akube imizuzu nje eyishumi ngaphambi kwelesishiyagalolunye nqo, futhi ngathi, "O, bengifanele ngibe kulokho kusakaza emizuzwini eyishumi." Futhi lapha, mina eJeffersonville, yena ezansi lapho engilindile. Ngakho-ke ngi . . .

8 UMfowethu Wood umbizile izolo, futhi ngacabanga ukuthi bengizoletha uMfowethu Wood angixolisele, kuqala, niyazi. Ngakho-ke ukujezisele ukungenza ngikhulume kulokhu kusa, ukuba ngize ngehle. Ngakho-ke nakhu lapha ebesikhona. Futhi ngakho-ke u . . . si . . .

9 Sithemba ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzo—uzoba sezinkonzweni zethu. Anginalutho oluhloswe ngaphambili; angazi ngisho ukuthi ngiqale kuphi emBhalweni; ngithathe nje iBhayibheli lami esikhashaneni esedlule, futhi ngagijimela ezansi. Bekumele ngithole iBhayibheli lami iCollins, ngenxa yokuthi libhalwe kakhudlwanyana.

10 He! Ngidlulile emashumini amane, niyazi. Ngakho-ke, uma usunamashumi amane ubudala, noma yini esondele kuwe, awukuboni njengoba ubukwenza, niyazi. Bangaki owaziyo ukuthi yiqiniso na? Yebo. Yebo, mnumzane.

11 Lapha kungekude kakhulu, ngacabanga, "Ngathi, kunento engalungile ngami, angikwazi ukugqoka izingilazi eziluhlaza noma izingilazi ezinsundu." Akaze ngikwazi; ziyangigulisa esiswini. Ngakho-ke ngathi, "Kunento engalungile." Ngabiza uDkt. Adair, futhi ngathi, "Dok, yini eyenza imibala . . . Ungaxilonga amehlo ami, ngitshele mbala muni wezingilazi engimele ngibenazo na?"

12 Wathi, "Mina, ngingahle ngikutshele ukuthi yini." Wathi, "Ngizokutshela. Ngizokuthumela nje ngapesheya eLouisville, kwabanye ungoti lapho, kulokho."

13 "Awu," ngathi, "Angifuni ukuxilongwa kwamenhlo." Ngathi, "Nginamehlo akahle. Ngingama futhi ngibone unwele lulele kwiphansi lendlu."

14 Wathi, "Kodwa, kuncono ngikunike ukuhlola, nakanjani, futhi uzokutshela ukuthi mbala muni ofanele ube nawo."

15 Ngakho-ke, ngaya ngapheseya lapho. Futhi, ngeza ukuthola, wayengumfowethu ongumKristu, ufuna ukubuyela nami eAfrika futhi enze eminye imisebenzi. Wathi, "Manje, bona abomdabu bayinqaba kakhulu, uyabo." Wathi, "Abasoze bavumela ummese ubasike." Kodwa bayakuthanda. "Futhi ngifuna ukunika izinyanga eziyisithupha zomsebenzi wamahhala, yokuthatha isilazi nezinto ezinjalo, kwabomdabu." Futhi wathi, "Ngenkathi uya ngale," wathi, "Ngingathanda ukunikezela izinyanga eziyisithupha zempilo yami emsebenzini weNkosi."

Ngathi, "Dok, uyakholelwa ekuphulukisweni ngokukaNkulunkulu na?" Wathi, "Lonke izwi lakho."

16 Futhi unginika ubufakazi, ngesinye isikhathi ngenkathi . . . Wayengungoti womphimbo namehlo. Wathi bambiza. Ingane encanyana ibigwinye enye yalezo zimpempe, futhi yakuthola kubambeke emphinjeni wayo. Wathi, "Ngaya lapho, futhi nengane yayishona. Bakugijimisela esibhedlela. Yayingekho into ongayenza." Wathi, "Angazanga ukuthi ngenzeni. Ngakho-ke," wathi, "Nga nje, thanda, ngaphuma phandle ekamelweni, futhi ngathi, 'Baba oseZulwini othandekayo, ngisize ngazi ngandlela thize ukuthi ngimenzele ini lowomntwana oswele. Kuyafa. Futhi angeke ngithole lutho ukukuzungeza, ukukudluthula, futhi angazi ukuthi ngenzeni.'" Futhi wathi, "Ingane yahamba, 'Ehhe!' Futhi nempempe yandiza yaphumela kwiphansi lendlu. Ngakho-ke," wathi, "ngingasuka kanjani ekukholweni na?" Umkhuleko uguqula izinto. Kunjalo. Ngakho-ke, wangitshela. Sihlala lapho futhi saxoxa isikhashanyana.

17 Futhi wayenalokho okuncanyana, ikamelo elimnyama, wayenento encanyana iza lapho, futhi ngibone ilambu elibomvu elincanyana. Wathi, "Ungakufunda lokho na?"

18 Ngiyakubona kwathi amashumi amabili-amashumi amabili. Ngathi, "Yebo, mnumzane." Bengingakufunda, noma ngenyindlela, amashumi amabili-amashumi amabili. Khona-ke wabeka ishumi nanhlanu-ishumi nanhlanu, bengingakufunda. Futhi ishumi-ishumi, bengingakufunda.

19 Wathi, "Awu, akukho kubi kakhulu ngamehlo akho." Khona-ke wayesebeka iteleskophu encanyana phandle lapha, ne . . . Wathi, "Ngifundele lokho." Futhi ngiyakuqaphela, bengingakufunda kahle. Waqhubeka esondela eduze, eduze. Ngaqala ukunensa ekufundeni kwami. Ngenkathi enza kanganga *lokhu,* ngayeka. Wathi, "Ngizokutshela, ngaphambi kokuba ngikubuze. Usudlulile emashumini amane."

Ngathi, "Yebo. Kunjalo." Ngathi, "Nginamashumi amane nanhlanu."

20 Futhi wathi—wathi, "Awu, uma indoda idlula emashumini amane . . . " Wathi, "Angiboni ukuthi ube kanjani nakho kude kangaka." Wathi, "Njengezinwele zakho ziba mpunga, isikhumba sakho siyashwabana, izinwele ziza ezindlebeni zakho, nokunye nokunye." UMnu. Egan engakutshela lokho, njengomgundi wezinwele. "Futhi ngenkathi wedlula eminyakeni engamashumi amane ubudala," wathi, "izinhlamvu zakho zamehlo ziba buthuntu futhi ngeke zavuleka." Wathi, "Manje ngizokutshela ukuthi ukwenza kanjani. Awu, manje, yenza izinxemu amehlo akho asondelane, futhi ufunde lokho."

21 Awu, mfowethu, bengingakufunda, uma bekusondele ka*ngako* kimina, ngenza izinxemu amehlo ami. Ngibeka izandla zami ka*njalo*, futhi ngenze iteleskophu encanyana, njengoba, ubungakufunda. Akuyilutho olungalungile ngamehlo akho. Kuyimvelo nje, amashumi amane ubudala, abantu bafanele bagqoke isibuko zokufunda.

22 Futhi ngakho-ke wayefuna ukungenzela ezinye. Futhi, awu, wenza. Kodwa a—angikaze ngizithande izinto, niyabo. Futhi ngi—angikaze njalo ngicabange ngazo, futhi ngiyafunda kwesinye isikhathi. Futhi, kodwa, ngizitholele nje iBhayibheli iCollins, eli—elithe ukubhalwa kakhudlwana. Futhi ngacabanga, "Awu, angeke nje ngazijwayeza ukuzigqoka, niyabo." Futhi awu—awubuki . . . Uma bengizobuka, phandle ka*njalo,* angeke wabona lutho. Kodwa ubuka phansi eduze, bese kukuletha kunyukele kuwe.

23 Wathi, "Manje, uqala ukufunda ka*njena*," wathi, "into yokuqala uyazi, ulokhu uqhubeka ufuqa isandla sakho sibuyela emuva. Kude ka*ngako*, ingalo yakho ayiyinde ngokwanele, ukuze ukwazi ukufinyelela kukho." Ngakho-ke, lokho yi—lokho yindlela okuyiyo.

Futhi ngakho-ke, manje, i—iNkosi ibusise.

24 Manje ngifuna ukunibuza okuthile, kulokhu kusa, ngaphambi kokuba siqale singene kwisifundo sikaSonto skole. Yini—yini ukubaluleka na? Bengicabanga ngakho. Ukube benginomphimbo owenele kulokhu kusa, bengizoshumayela kulesosifundo. Kodwa, umphimbo wami, awukahle, futhi nginalomhlangano uza lapha, eNew Albany, namhlanje ebusuku. Futhi ngakho-ke, futhi, ngine . . . Imikhankaso iyaqala. Ngifuna nje ukufundisa umzuzu, namhlanje ekuseni, komuye umBhalo. Kodwa, yini ukubaluleka na?

25 Umama wami, angiqageli ukuthi ulapha. Angimboni noma yikuphi. Ngabe u? Yebo, mama, ukuthola kancanyana. Ngakho-ke, ngimbuzile izolo. Ngimbuzile isifundo, ngoba bengitadisha ngaso. Uhlala uthola into emqondweni wakho, uqala nje

utadishe na? Mfowethu Weber, ukwenzile lokho isikhathi esiningi, futhi uqala nje utadisha.

26 Yini ukubaluleka na? Futhi ngaqala ukucabanga. Ngathi, "Uyazi, ukuba benginamadola ayikhulu lezigidi etakelene lapha enqwabeni, futhi nginenkinobho encanyana lapha. Uma ngicindezela lenkinobho, ngilahlekelwa yikhulu lezigidi lamadola ami, kodwa ngithola ukukhuluma nobaba wami omdala osedlulile, ngehora elilodwa, engumuntu ofayo futhi. Bengingenzenjani na?" Akukho ukungabanza, bengingacindezela inkinobho. Benginganikela ngekhulu lezigidi zamadola, kulokhu kusa, ukuhlalisa ubaba wami kulesi sihlalo, ngenkathi ngifundisa lesisifundo. Ngakho-ke inanani lini imali na? Umphefumulo ungaphezulu kangakanani kunemali na? Niyabo?

27 Manje, mama, uyakhumbula ngenkathi nginaleyo endala encanyana iT-modeli iFord, encanyana endala i'26 modeli na? Ukuthi bengiyoyipholisha kanjani leyonto! Ngangingumntwana nje, cishe ishumi nesithupha, ishumi nesikhombisa iminyaka ubudala. Ngangiyisoni ngaleyonkathi. Futhi ngezinye izikhathi . . . ngangisebenza noMnuz. Genther emuva lapho. Futhi ngangiyo . . . Emva kweSonto ntambama . . . iSonto ekuseni, ngangiyokwehla futhi ngilole konke izincezu nezinto, kwesimpintshamoya, futhi ngisihlanze sonke. NgeSonto ntambama, bengiyopholisha leyo Ford encanyana endala, kuze kube ibukeka ngathi upende uzophuma usuke kuyo. Kunganjani ukuba ngizamile, kulokhu kusa, ukuthola ucezu olulodwa lwaleyoFord na? Kunganjani ukuba ngizamile ukuthola olunye lwalezozincwezu, ngizikhiphe kulesosimpintshamoya na? Isikhathi esifanayo ebengingazuza ngaso imiphefumulo, ngangipholisha iFord yami. Ngiyazibuza ukuthi kuphi ukubaluleka.

28 Ngangisebenza ngamaSonto ekuseni phezulu lapho, inqobo uma beyongivumela. Ngangikuthakasela, ngoba ngangisesikweletini. Futhi nga . . . Kodwa kungi—kungibeke kuphi na? Kuzuzeni na?

29 Mfowethu Ledford, kunganjani uma omunyumuntu eza kuwe nami, noMfowethu Neville, kulokhu kusa, sonke lapha, sobathathu, njalo, futhi athi, "Befundisi, ngizonika ngamunye wenu isigidi samadola." Omunyu'muntu ubefanele . . . ubengakwenza.

30 Futhi ngathi, "Manje, Mfowethu Ledford, Mfowethu Neville, ngiyanitshela ukuthi asenzeni. Asiphume phandle futhi sithole bonke abantu abaswele esingakwazi ukubathola. Asenze lonke ikhaya elincanyana lijabule, ngokutholela abantwanyana izimpahla ezimbalwa, futhi sikhokhela isikweletu, noma sithenge lendawo encanyana. Besingeke sakugeja. Isigidi samadola ucezu, kungani, ukususa inzalo kukho, sinakekele

ngendlela esingenza ngayo ngalokho; sikufake ekubekweni kwemali okuhle noma enye into. Futhi ngakho besiyo kwenzenjani na? Lokho bekuyoba kahle, lokho, kungesikho ukwenza noma ubani azi utho ngakho. Izinhliziyo zethu beziyozizwa zinelisekile.

31 Kodwa, manje, eminyakeni eyikhulu ukusuka namhlanje, bazalwane. Bekuyothatha isimangaliso sikaNkulunkulu, uma sisaphila eminyakeni eyikhulu kusukela namhlanje, niyakwazi lokho. Manje, besiyoba sePhakadeni. Yini enhle isigidi samadola ebeziyokwenza, noma konke ukondla abaswele, nezinto esizenzile na? Niyabo? Bekungeke kwabalelwa kokukhulu. Ukuba benginesigidigidi, kulokhu kusa, besiyosisiza ngani emva kokuba sesihambile na?

32 Kodwa ake ngikutshele into ethile. Asikakabi naleyomali. Uyindoda esweleyo; sonke sinjalo. Kunjalo. Siphila ngokuphiwa ngabantu, ukuba ngabefundisi. Kodwa mfowethu, eAfrika, oyedwa umfanyana omnyama oka*ngaka* ukuphakama, noma unondindwa ngaphandle komgwaqo ngaleya eLouisville, munye umphefumulo owasindiswa; ePhakadeni, lapho leyonkanyezi ingekhanyisayo ngaleya, igama lethu liyosongwa kuyona. Kulapho-ke ukubaluleka kwakho. Akusikho ukuthi unokungakanani, ufisa kangakanani. Kungokungako ongakwenza ekusindiseni imiphefumulo kuKristu uJesu. Imali yethu izoshabala.

33 Ngayipholisha leyo Ford endala encanyana. Futhi kulokhu kusa, kuhleli phezulu lapho egaraji yiCadillac abanginika yona. Kodwa ngolunye lwalezizinsuku, leyo Cadillac iyoba njengoba iFord injalo. Iyobe ingasekho. Kepha uNkulunkulu uyobe elokhu efana. Kodwa, uma ngithola umphefumulo usindiswa kuKristu, mfowethu, uma nje kusekhona iPhakade, inkazimulo kaNkulunkulu iyohlala kulowo mphefumulo.

34 Ngakho-ke, yini ukubaluleka, nokho na? Buhle buni obukwenzayo, ngenkathi ukulwa kusemphinjeni wakho, futhi nodokotela ebona ukushaya kwenhliziyo kunyuka ngomkhono na? Inhle ngani imali yonke nalo lonke udumo na? Abantu bakumbambathe emhlane, noma uba ngumuntu omkhulu, yini enhle okukwenzela yona na? Akusikho ngisho nokuncane. Kuyashabalala, futhi kuhlala lapha emhlabeni.

35 Kodwa, munye umphefumulo owasindiswa, uyobona igama lakho lisongwe kuwona, inqobo nje uma inkanyezi yokusa iyoqhakaza esibhakabhakeni. Ngakho-ke, asisindise imiphefumulo, bazalwane. Ngamunye, nina makhosikazi omuzi, awudingeki ube ngumshumayeli; yenza into ethile okodumo lukaNkulunkulu. Khumbula, izinto zaPhakade zihlala inguna phakade, futhi, lokho ngu, kuthola imiphefumulo isindiswe. Yenza lokho kube yinto yokuqala, kwemisebenzi yakho yonke nemibono yakho yonke nezinhloso zakho zonke.

36 Izolo, ngime nge, ngibambe isandla sikamama wami, ingalo yami imgaxile, nesilevu sakhe siqhaqhazela.

37 Nomfana wakhe elele lapho, efa, wathi, "Billy, ngi—ngilangazelile futhi ngalangazelela wena ukuba ubuye etabernakele."

38 Ngathi, "Dadewethu Fergerson, ngi—ngingathanda ukwenza lokho." Wathi . . . Ngathi, "Awu, buka, dadewethu. Lapho engingathola khona mhlawumbe imiphefumulo engamashumi amahlanu ukuba isindiswe, ngonyaka, etabernakele, lokho bekungaba isivuno esihle sonyaka. Ngingathola inkulungwane eyikhulu yabo isindiswe kwelinye izwe. Niyabo?"

39 Uma ngingena eNkazimulweni, angifuni uku . . . uNkulunkulu ubeyongisindisa. Wangisindisa. Lokho kuxazululiwe. Kodwa into yakho ingukuthi, uma ngifika lapho, ngifuna ukubuka ngizungeze futhi ngibone izinkanyezi zikhanyisa. Amen. Ngi—ngifuna ukubona into ethize eyenza into ethize.

40 Ukuba nga—ukuba ngangifile, futhi ngangiyindoda enkulu, umongameli njengoLincoln, noma into enjengaleyo, bekuyoba nesikhumbuzo esikhulu; kodwa ngolunyusuku bekungeyikuba njalo. Kodwa umphefumulo owodwa owasindiswa, eNkazimulweni, igama lakho liyosongwa kulowo, inqobo nje uma kunePhakade lithandela lizungeza.

Awu, asikhuleke manje.

41 Baba wethu oseZulwini, siza ngokuthobeka kuWe, kulokhu kusa. Nkulunkulu, ngiyajabula ukuthi ngivukile, cishe iminyaka engamashumi amabili nanhlanu edlule, eqinisweni ukuthi—ukuthi injabulo ayiphathelene nezinto zalelizwe. Iphathelene nezinto zaPhakade, okusenza sijabule emphefumulweni wethu.

42 Nokuthi nginokubonga okungakani, kulokhu kusa, nokuthokoza kuWe, ngensindiso yaKho nomusa waKho, lokho okungivumelile, Nkosi, ukubona macala onke imiphefumulo eyisigidi iguqa ealtare. O Nkulunkulu, ngolunye usuku olukhazimulayo, ngenkathi sengiwela, ngithemba ukubabona bonke bekhanyisa lapho, njengezinkanyezi. Bazalwane bami lapha, bodadewethu, namhlanje ekuseni, ngamunye uzwa ngendlela efanayo. Babeyinxenye kulokho, Nkosi, ngemikhuleko yabo nokunxusa kwabo, nokubambelela phezu kukaNkulunkulu; bekhuleka, bekhuluma kwabanye, futhi bekhuluma kakhulu okwezinto zikaNkulunkulu.

43 Futhi siyathemba, namhlanje, Nkulunkulu, uma kunanoma ubani phakathi lapha ongekho nje lapho okumele ngabe ukhona, noma bengakamamukeli uKristu njengoba befanele benze, kwangathi lolu kungaba usuku ukuthi esabo esisodwa esingafiyo, isinqumo saPhakade sizokwenziwa, ukuKukhonza. Siphe khona, Baba.

44 Kwangathi wonke umKristu, phakathi lapha, engathi izihliziyo zabo zingavutha ngaphakathi kubona, ukuphuma phandle ndawo thizeni, othangweni lwemithi nasemigwaqeni emikhulu, futhi belethe imiphefumulo elahlekile, kungakhathaleki ukuthi kuthobeke kangakanani, bengaletha umphefumulo owodwa obungaletha isigidi emva kwawo. Asazi ukuthi yini esiyenzayo. Ngezinye izikhathi labomama abancanyana bayamangala, Nkosi, kodwa abazange bazi ukuthi yini abakhuluma ngakho, ngenkathi bekhuluma kumuntu osemncane, noma omunye omdala, noma into ethize mayelana nemiphefumulo yabo. Siphe, Nkosi.

45 Manje ngena eZwini. Nkosi, UseZwini. Futhi siphe ukukholwa ukwenza iZwi liphile futhi lenziwe, namhlanje, ekudalweni kwethu, ezimpilweni zethu. Ngokuba sikucela eGameni laKhe nakudumo lwaKhe. Amen.

46 Anginasiqiniseko noma kwakungu Dwight Moody. Ngiyakholwa kwakunguye, umthungi wezicathulo waseBoston, ngalolosuku . . . Owesifazane omncanyana, ngezinsuku zakudala zeMethodisti, wayefuna ukwenzela iNkosi into ethile. Ngakhoke, wayewasha, futhi waqongobezela imali yakhe, ethola idola nohhafu, ngiyakholwa, ukuba nomshumayeli osemdala ukuza azomshumayelela. Futhi ubeqashe isitebele samahashi, ingxenye eyodwa kokune noma okuthile, ngalobobusuku. Wahlanza sonke isitebela, futhi wabeka i—ibhentshi elincanyana lokuwashela phansi, okwe altare.

47 Futhi nje ukunikhombisa ukuthi kulubala kanjani, kinina makhosikazi omuzi, manje. Niyabo? Uthi, "O, Mfowethu Branham, uma ngingashumayela!" Awudingeki. Nje ungu . . . Ungubufakazi. Ungukuthonya; impilo yakho.

48 Futhi unezincwajana, futhi waphuma waya ekhoneni, ekhangisa umhlangano, futhi ezikhipha ezidlulisa. Ngasosonke isikhathi umuntu thizeni uyazithola, babengazilahla. "Mginqiki ongcwele! Mshisekeli!" Futhi beqhubeka. Niyabo?

49 Umfanyana omdala uyadlula, neblukwe elimantwentwesana. Amasasipenda kababayi wakhe ephezu kwamahlombe akhe; izinwe zilengela phansi ebusweni bakhe. Wathi, "Nenekazi, yini onikezela ngayo na?"

Lathi, "Incwajana, ndodana." Wayinikezela kuye, ka*njalo*. Wayibuka, wathi, "Angikwazi ukufunda."

Lathi, "Awu, lithi kuzoba nomhlangano kusihlwa, phezulu lapha." "O," wathi, "uzoba khona na? Awunankinga yini uma ngifika na?" Lathi, "Uyafuna na? Kufanele ufike, sthandwa, uma ungakwazi." "Kulungile, ngizokwenza lokho."

50 Ngalobo busuku, emva kwayo yonke imizamo yakhe, nobuthaka. Omdala othembekile umshumayeli uyafika, wangena epulpiti wakhuleka. Wacula iculo, yena nenenekazi, futhi lahlala njengezethameli zakhe.

51 Emva komzuzu, ebhadazela emnyango, kwakuyilowo obukeka emanikiniki umntwana, izinwele zilengela phansi ebusweni bakhe. Uyazi ukuthi lowo kwakungubani na? UDwight Moody. Ngalobo busuku, waguqa ealtare; wathumela isigidi semiphefumulo kuNkulunkulu. Niyabo? Awukwazi okwenzayo.

Khuluma izwi elincanyana kuJesu
Fakaza, cula, noma khuleka,
Njengesinkwa phezu kwamanzi
Kuyobuya kuwe ngolunyusuku.

52 Kunjalo. Kulungile. Khumbula nje, ungehluleki, ungehluleki; zuza eminye imiphefumulo! Noma ngabe yini oyenzayo, zuza imiphefumulo. Ngi—ngiyajabula ukubona abantu bethu lapha, namhlanje ekuseni, engekho owabo osendlaleni, ngokwazi kwami; bonke begqoke izingubo ezinhle, futhi nihlanzekile; abantu ababukeka bekhaliphile. Nginokubonga okukhulu kuNkulunkulu, ukwazi ukuthi ningaleyo ndlela.

53 Ngiza lapha, bangani, sikhathi-sinye, ngesikhathi sencindezelo, ngenkathi ngishumayela kuma-ovaroli. Futhi nihambe amamayela, phakathi lapha, futhi nanqamula izwe, futhi kunganele okokudla. Futhi ngiyazi. Kunjalo. Ngiyakukhumbula. UNkulunkulu usibusisile, futhi sinokubonga kuYe, niyabo.

54 Kodwa kulokhu kusa, niyabo, nibukeka kanjani nihlukile kulokhu kusa, nginokubonga ngalokho, kodwa ungakuvumeli lokho kukumise. Khumbulani ukuthi kuvela kuphi, kuvela phezulu. Futhi, zuza umphefumulo, Lapho lokho kuyohlala inguna phakade. Futhi mhlawumbe ingxenye enkulu kakhulu yenu cishe ine akhawunti yasebhange encanyana ndawondawo. Ngiyajabula ngalokho, futhi engathi uNkulunkulu angakubusisa ngokucebile lokho. Kodwa ungakuvumeli lokho kume endleleni yakho yokuzuza imiphefumulo. Kunjalo. Gcinani imiphefumulo kuqala.

55 Manje bengicabanga nge mhlawumbe. . .Ngabuza uMfowethu Neville. Noma, aninaso isifundo thizeni sikaSonto skole, ngakho-ke sifundisa njenoma yikuphi, futhi ndawondawo eBhayibhelini. Futhi ngicabange ngokufundisa, kulokhu kusa, njengoba bengehla, ’phambi kokungena ekamelweni, cishe, eNcwadini yeSambulo.

56 Khona-ke ngakhumbula lelohlelo lomsakazo luyaqhubeka u—uchungechunge eNcwadini yeSambulo. UCharles Fuller, ngicabanga, uqhuba i—incwadi. NoMfowethu Fuller ungumtayiphi, yena qobo lwakhe. Futhi bengisaba ukuthi besingahlangana kulokho nje, futhi senivele nikuzwile okunye kwakho.

57 Ngakho-ke, khona-ke, ngacabanga besizoya ngale eNcwadini yamaHeberu. Ingenhle. . .Bangaki othanda iNcwadi

yamaHeberu na? O, ingenkulu. . . Asihambe siye ngale cishe esahlukweni se10. Ngicabanga ukuthi leso yisahluko esihle. Angazi noma sengake ngafundisa yini ngaso, kodwa cishe ngake, lapha, ingxenye yaso. Imvamisa ngithola amabili noma amavesi amathathu, futhi bese lokho kuyakuxazulula, futhi sesiqalile eBhayibhelini.

58 Niyazi, ngesinye isikhathi, ngenkathi ngingena ekhefini, ngilamba nje kakhulu ukuthola esinye isikhathi ngaphezulu, lapho engingahlala khona etabernakele, noma ndawo ndawo lapha, futhi nje ngibe nochungechunge lestadi, njengoba sasivame ukuthatha iBhayibheli. NjengaseNcwadini ethize nje, hamba nje, kukame kubheke emuva nje naphambili ngemiBhalo kanje. Kubeka futhi kuqinisa uKholo lwethu. Yilokho-ke lezizifundo ezikumele, ngukuqinisa uKholo lwethu.

59 Manje, esahlukweni se10 samaHeberu. Angazi kungani, nje ngihleli phakathi lapho, ngivele ngavula kuso. Futhi sifuna ukufunda kuleli, okwesifundo esincanyana, futhi ngikufundise. Uma sehlela lapha, sithole ukuthi sike saba kukho ngaphambili, khona-ke ngizo. . . sizophenya ngale kwenyinto, noma mhlawumbe iNkosi izosiholela kwenye into ethize.

60 Manje ningakhohlwa izinkonzo namhlanje kusihlwa etabernakele lapha. UMfowethu uzobe ekhuluma kithi namhlanje kusihlwa. Futhi uma unanoma yimuphi wabangani ukuzungeza eNew Albany phansi lapho, kwaMfowethu Matheny, sizokhuluma lapho isikhashana namhlanje kusihlwa. Futhi bese kube ngolwesiThathu ebusuku.

61 NoMfowethu Junior Jackson, ngimzwile "amen" emzuzwini odlule, kodwa angikaze ngikwazi ukumthola. Futhi usesakhiweni. Futhi eyakhe ingolweSine ebusuku, futhi—futhi ngiyakholwa uneSonto ebusuku. Lapho nikhona, Junior na? Angeke nganibeka. O, angimangali; uhleli ngemuva kwalowo omkhulu umfo esinaye emuva lapho. Eyakho. . . Yini. . . Inkonzo yakho ngolwesiHla-. . . NgeSonto ebusuku, futhi, ngu, Junior na? [UMfowethu uJackson uthi, "Kunjalo."—Umhl.] UlweSine neSonto. Kulungile. Nezinkonzo zakhe inamhlanje kusihlwa, futhi uphandle kuMgwaqo uState, eNew Albany. EState nase. . . ["Monroe."] Monroe.

62 Mfowethu Genther, uyabona sekuyisikhathi eside kusukela ngafunda amamitha, noma ngalungisa noma yimuphi umsebenzi. Sengazikhohlwa zonke izitradi. Kodwa kune. . . Ngisathanda iNkosi uJesu efanayo eyayinathi ngaleyonkathi, lapho eyangisiza khona kulezo zinsuku.

63 Bengitshela umfowethu, emzuzwini odlule. Ngangivamise ukuya ezansi lapho bengiyobe-ke ngifunda khona amamitha, futhi ngingqongqothe emnyango. Ngifunde imitha, futhi ngidonse iBhayibheli lami futhi ngifunde umzuzu, 'phambi kokuba inenekazi lize emnyango, into enjengaleyo. Futhi

ngithole isakhiwo esingenalutho esincanyana esidala. Ngoba, ungeke wabathola manje, lapho umuntu othize eshenxele ngaphandle. Ungene lapho, futhi ubuyele endlwaneni futhi uguqe phansi futhi ukhuleke. Lokho kwakungu kwenziwa, lokho kwakuyinto eyakuqinisa lapho, ubuka kuYe.

64 Manje, iNcwadi yamaHeberu ingu—ingukuhlukanisa phakathi komthetho nomusa. Bangaki owaziyo ukuthi siphila ngomusa, futhi kungesiwo umthetho na? Ngikholwa umbhali . . . Akekho owazi khona impela. Kodwa kufana kakhulu noPawulu, ngize ngithande ukukubiza ngokubhala kukaPawulu. Futhi wayekhuluma kumaHeberu.

65 Manje, iVangeli selivele liye kwabeZizwe, ngoba amaJuda aLinqaba. Futhi baye kwabeZizwe neVangeli. Futhi manje uPawulu wayebhalela emuva kumaHeberu, ngokuba abaningi babo babefuna ukubuyela ngaphansi komthetho, bagcine umthetho, futhi belokhu bekholwa kuKristu.

66 Futhi, niyazi, lokho kusekhona nanamhlanje. Kukhona abantu namhlanje ozama ukugcina umthetho weTestamente eliDala, futhi abelokhu engumKristu, ngenkathi elilodwa liphambene kakhulu kwelinye. Uma wenza ingxenye eyodwa yomthetho, kuzomele uwenze wonke. "Ungumenzi wecala," kusho iBhayibheli, "ukwenza wonke umthetho," ngakho-ke, uma wenza ingxenye yawo. Futhi, khona-ke, uma ugcina umthetho, njengomhlatshelo, namasabatha, nezibopho, nezidlo, nokuwasha, naka njalonjalo, ngaphansi komthetho.

67 Kodwa asisekho ngaphansi komthetho manje. Singaphansi komusa. Futhi uPawulu uzama ukukhombisa lapho umthetho wawuyisithunzi khona. Manje, ekuqaleni, nakhu lapha sikubona khona.

> *Ngokuba lokhu umthetho unesithunzi sezinto ezinhle ezizayo, ungesiwo umfanekiso wazo uqobo, ungeze wabanamandla ngemihlatshelo enikelwa njalonjalo iminyaka ngeminyaka ukubenza baphelele labo* osondelayo.

68 O, he! Bekungeke lokho kwenze intshumayelo khona lapho na? Niyabo? Niyabo? Manje, umthetho wawuyithunzi lezinto ezizayo.

69 Asiwelele lapha, umzuzu nje. Phenyani nami emuva ku . . . Ngikholwa ukuthi isahluko se12 seSambulo. Asiwelele kulokho isikhashana nje, futhi sibone uma singathola ingxenyana encanyana nje yento ethize enhle lapha, ukuqala ngayo, sicabanga nge "thunzi." Manje asi—asifunde futhi, manje, wena neBhayibheli lakho.

> *Kwaba-khona ezulwini isibonakaliso esikhulu; owesifazane . . .*

70 Ufanekisa ini *owesifazane* eBhayibhelini na? Ibandla.

> . . .*owesifazane embethe ilanga,* (leyo kwakuyingubo yakhe ayeyigqokile, niyabo), *nenyanga iphansi kwezinyawo zakhe, nasekhanda lakhe kukhona umqhele* ne*zinkanyezi eziyishumi nambili:*
>
> *Futhi ekhulelwe wakhala,* ese*mihelweni, esikwa ngubuhlungu bokubeletha.*

71 Qaphela, owesifazane wavela ezibhakabhakeni, ku—kumbono kaJohane umembuli. Futhi i. . .Wayembethe ilanga. Nenyanga iphansi kwezinyawo zakhe. Nasekhanda kukhona umqhele wezinkanyezi eziyishumi nambili.

72 Manje lokho kufanekisa ini na? Imibono iyizifanekiso. Manje, owesifazane yibandla. Futhi ibandla lali. . . Inyanga yayiphansi kwezinyawo zakhe. Ngamany'amazwi, yayisakhanya, kodwa wayengaphezu kwayo. Ngoba, wayesevele esebe sesimweni leso ukuthi wayebeletha umntwana. Wayesikwa imihelo yokubeletha. Futhi nenyanga yayishona, nelanga lalikhanya. Manje, inyanga i. . .

73 Yini eyenza inyanga ikhanye, ilanga elikhanya kuyo. Kuyisithunzi nje selanga. Futhi, ngakho-ke, inyanga isiphilile yedlula esikhathini sayo, futhi ilanga laliphakama. Owesifazane wayengembethe inyanga. Wayembethe ilanga; kwakuyibandla leGospel liqala ukubakhona. Ibandla loMthetho elidala. . .

Manje, uthi, "Awu, ngabe lelo kwakuyibandla loMthetho na?" Yebo.

74 UJesu wafika kuqala kumaJuda, futhi kungesibo abeZizwe. Niyabo? Wa, Wayalela abafundi baKhe ukuba bangayi kunoma ubani oweZizwe. Wathi, "Uzele abaKhe, futhi abaKhe abaMemukelanga." Yini na? Wathi, njengoba Ebayalele, esahlukweni se 10 sikaMathewu oNgcwele. Wathi, "Ningahambi ngendlela yabeZizwe, kodwa hambani kunalokho ezimvini ezilahlekileyo zikaIsrayeli. Futhi njengoba nihamba, shumayelani, nithi uMbuso weZulu ususondele." Niyabo? "Ningahambi ngezindlela zomuzi waseSamariya, noma yiyiphi yazo zonke izindlela, kodwa qalani niye emvini elahlekile kaIsrayeli."

75 Leso yisizathu inkazimulo yokukhanya kwelanga yayikhanya izungeza owesifazane. Futhi yena, esezinhlungwini, esikwa ngumhelo, ekubeletheni loMntwana.

> *Futhi wabeletha umntwana wesilisa, ozakubusa izizwe ngentonga yensimbi:. . .*
>
> . . .*nodrago wema* ngo*wesifazane obezaku* (iRoma) *beletha* u*mntwana ukuze kuthi nxa esebelethile.*

76 Futhi iRoma lamushushisa uMntwana. Bathumela ngaphambili futhi babulala zonke izingane, kusukela eminyakeni emibili ubudala kwenyuke. . .noma, iminyaka

emibili ubudala kwehle, njalo, ukuthi bengabulala uKristu, futhi baMbambe lapho. UHerode wenza lokhu kuthuma.

> . . . kodwa *umntwana* wowesifazane *wahlwithelwa* ku*Nkulunkulu,* . . .

77 Kusukela ovukweni, "wahlwithelwa kuNkulunkulu, futhi uhleli kwesokunene sikaNkulunkulu." Manje, lokho bekungagqashula yonke imfundiso yo "mntwana womuntu," bekungeke na? Niyabo?

78 Kodwa manje, "Umthetho," amaHeberu 10 futhi, "nesithunzi sezinto ezizayo," futhi kungesiso isithombe impela, kodwa isithunzi.

79 Manje, ngobunye ubusuku, ngangidingida nomuntu okahle impela, kwimfundiso yeSikhathi seminyaka eyinkulungwane. Ngathi, "Ngiyakholelwa esiKhathini seminyaka eyinkulungwane, ngoba kunamaningi amathunzi eTestamente eliDala lawo akhuluma ukuthi kuyoba neSikhathi seminyaka eyinkulingwane. Kufanele kubekhona. Amathunzi amaningi!"

Bathi, "Ngabe iBandla liyohamba ngaphambi kweziNhlupho na?"

80 Ngathi, "Qhabo. IBandla angeke lihambe lidlule eziNhluphweni, Lizomele lihambe ngaphambi kweNhlupho. Amathunzi amaningi!" Bukani, lokho, uNowa, ekuqaleni, uNowa . . . "Lonke iTestamente eliDala, wonke umthetho, manje, laliyithunzi lezinto ezinhle ezizayo."

81 Manje, ngaphambi kokuba isikhathi senhlupo sishaye, kuqala, uEnoki, i . . . uNowa, uNowa wayengumfanekiso owaweliswa ngale, njengentombi elele, kodwa uEnoki waguqulwa ngaphambi nje kokuba inhlupho ishaye. "Futhi uEnoki wanyuswa, futhi akatholwanga, ngoba uNkulunkulu wamthatha," umfanekiso wokuhamba ngaphambili kweBandla. Futhi uNowa wambuka. Ngenkathi ebone uEnoki ehamba, wayazi ukuthi kwakuyisikhathi sokungena emkhunjini, ukuba athwalwe enhluphweni.

82 IBhayibheli lathi, "Kwakunezintombi ezilishumi ezaphuma ukuhlangabeza uMyeni; futhi ezinhlanu zazihlakaniphile, ezinhlanu ziyiziwula. Futhi zonke zaziyizintombi-nto, zonke. Kodwa ezinhlanu yayihlakaniphile, futhi zazinamaFutha esibanini zazo. Futhi zaphuma ukuhlangabeza uMyeni. NoMyeni wafika, futhi lezo ezazinamaFutha zangena phakathi." Niyabo, ukuguqulwa, ukuhamba noMyeni.

83 Kodwa lezo ezazishiyiwe, ziyeza futhi zafuna ukungena, nazo. Njengalabo abeza futhi bangqongqotha emnyango womkhumbi, "Nowa, singenise," kodwa uNkulunkulu wawuvala umnyango.

84 Futhi, o, mngani wami, olunye lwalezizinsuku, uNkulunkulu uzokunika ukubiza kwakho kokugcina. Khona-ke umnyango uzovalwa, phakathi kwesihawu nokwahlulelwa. Ungashiywa ngaphandle. Ngena ngaphakathi manje usengakwazi. Unganaki okushiwo yizwe. Ngena phakathi kuKristu. "Ngokuba labo abakuKristu uNkulunkulu uyoba letha naYe." Niyabo?

Khona-ke, lentombi ehlakaniphile yahamba, ekuguqulweni.

85 Futhi laba abanye abeza futhi bangqongqotha emnyango, kwenzakalani na? Yini ethathe indawo na? IBhayibheli lathi, "Baphonswa ebumnyameni bangaphandle, lapho ababekhala izinyembezi futhi belila futhi begedla amazinyo."

86 UIsrayeli, ngenkathi isikhathi senhlupho sishaya iGibhithe, kwakungekho ngisho into eyake yashaya iGibhithe . . . amaIsrayeli, ngoba babesendaweni ehlinzekwe nguNkulunkulu, iGosheni. Kungekho zinhlupho nhlobo. Niyabo? Bonke abanye babo babesenhluphweni, kodwa kungesiyo lena.

87 Manje, zonke lezozinto zingamathunzi, kumele zifanekise okuthize. Futhi khona-ke njengoba sibona ukuza kweNkosi, siyabona ukuthi abantu babehamba kanjani ngalezo zinsuku, futhi sibone ukuthi abantu bathola ini. "Nenkani, nemiqondo ephakeme, abathandi benjabulo ngaphezu kwabathanda uNkulunkulu." Leyo yindlela okuyiyo namhlanje. Amadoda alandela izinkanuko zawo ezingekho ngcwele. Sekube kwinto . . . Uxolo ngalokhu kusho, bodadewethu. Kodwa kuyeza, kuze, okwangempela ukuziphatha okuhle kuba yinto cishe yemuva, phakathi kwabantu bethu.

88 Izolo, esiBhedlela iSaint Edwards, ngizwe udokotela ehlephula intombazane iba yizicucu emuva lapho. Wanyuka ngezitebhisi lapho ebengingaxhawula khona isandla sakhe, wonke umuntu esibhedlela wayelalele, ebuka. Kwakunentombazana emuva lapho, inezinye zalezizinto ezincanyana, igqoke ezindala izingubo ezingekho ngcwele, ezifana nezikhhinjana zangaphansi ezinoleyisi.

89 Niyazi ukuthi iBhayibheli lithini ngalokho na? Uthi, "Kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu, ukuba owesifazane agqoke amabhulukwe njengendoda." Kulungile.

90 Futhi nakho lapho ekhona, ehamb- . . . Udokotela wathi . . . Omncanyana, umfo okhubazekile. Ngiyamazi, kodwa ngilikhohliwe igama lakhe. Wathi, "Uqonde ukungitshela ukuthi udadewethu ukuvumele ungene esibhedlela kanjalo na?" Wathi, "Kungani, uyihlazo esibhedlela. Phuma lapha."

Ngathi, "Mfana, ngifuna ukuxhawula isandla sakho." Ngokuqinisekile.

91 Wathi, "Uke waze wangena kanjani ngaphambili na? Awunamahloni yini ngawe, ukungena phakathi lapha ugqoke kanjalo na?"

92 Ngacabanga, "O, mfowethu, kunjalo." Ngiyayincoma indoda enesibindi esanele ukubiza okulungile "ngokulungile," nokungalungile "ngokungalungile," ngaphandle kokuthi ungubani. Niyabo? Kodwa, into yokuhlonipheka, o, nginga . . .

93 Nizongixolela, angeke na? Ngifuna ukuma lapha umzuzu nje. Manje, ngifuna, ngingahle ngiqondise lokhu kancanyana nje, mngani wami engimthandayo othandekayo. Ungacabangi ukuthi uMfowethu Branham uzama ukuba luhlaza. Anginjalo. Ngizama ukusho iqiniso kuphela. Futhi engikwaziyo, ukuthi ngale eNkazimulweni, ngolunyusuku, uma bengingabona impilo yakho ingengcolile, futhi khona-ke ngiyazi ukuthi ngangiyimbangela yakho, futhi nokwazi iQiniso futhi ngingaLisho. Qhabo, ngizokususa emahlombe ami, ngikubeke kwawenu. Yenza isinqumo sakho.

94 Abesifazane bethu ogqoka kanjalo, unomoya omubi. Niyabo? Kunento eyodwa-vo emBhalweni eyake yenza lokho. Lowo kwakungudeveli, wahhundula abantu. Bukani. Manje, angiqondile khona ukuthi aninasimilo; angiqondile khona lokho, dadewethu othandekayo. Kodwa usenkambisweni yosuku, ngendlela, uze nje kalula . . . Ucabanga ukuthi kuhle ngoba abanye bayakwenza, futhi awukuqondi ukuthi lokho ngudeveli enza lokho. Iqiniso, yikho. Awadumile. Uyasangana. Uxolo ngesisho. Awu, kunjalo. Ngiqonde, usanganisa into iqhele kuNkulunkulu.

95 O, Moya oNgcwele kaNkulunkulu, awuhlali njalo ulwela nomuntu. "Angifisi namunye ukuba abhubhe, kodwa ukuthi bonke baphenduke." Futhi Nkulunkulu siphe isibindi, ngosuku lapho abashumayeli . . . Lapha yilapho kwaqala khona, yingoba umelusi wakho, emsamo, ekubeka phezulu nakho. Kunjalo. Ufanelwe uxoshwe. Ukuba benginebandla, futhi abesifazane benza lokho ebandleni, ngaso lesosikhathi bebeyophuma encwadini yebandla. Yebo, mnumzane. Khona lapha, uze uqonde-thwi, uqale ngokukahle. UNkulunkulu ubanika isibopho. Kodwa, namhlanje . . .

96 Ngaphuma ngaya eSaint Joseph. Ngihlala njalo ngisezincingweni zalesisibhedlela, lezi eziphuthumayo. Ngaya ukuyobona ingane encanyana, ifa, umdlavuza . . . noma isimo senso; kukhishwe inso eyodwa, kuphela izinsuku ezimbili noma ezintathu ubudala. Nokuthi kanjani ukuthi loyomfo omncanyana . . . Futhi lapho ngaqaphela, esibhedlela samaKatolika, kukuhle kakhulu futhi nobubele.

97 Ngiya esibhedlela samaProtestane. Kwakune nenekazi elifayo, futhi ngadlula ukubeka izandla zami kulo. Umfundisi, emi lapho, wathi . . . Futhi ngamazisa ukuthi ngangisehlelweni akulo. Wathi, "Ehhe! Qhabo! Ungakwenzi, ungakwenzi, ungakwenzi! Ungakwenzi lokho. Ungabeki isandla sakho phezu kwakhe."

Ngathi, "IBhayibheli lasho."

98 "Awu, phuma phandle!" Wathi, "Lolo hlobo aluluhle. Qhabo, asikufuni ukuba ubeke izandla zakho phezu komuntu ogulayo phakathi lapha." Niyabona ukuthi kunjani na?

99 Futhi leso yisizathu ibandla eliKatolika libagwinya, ngezinkulungwane. Kunjalo. Ngoba, iProtestane aligxilile ngokwenele kuNkulunkulu ukuba nesipiliyoni, ukwazi okuyikhona ngempela, isikhathi esidala, insindiso esuka enhliziyweni, aMandla kaNkulunkulu, ayikho. Kunohlobo oluqukethe okungazwakali. Futhi nakho lapho kukhona uhlobo olugcwalisiwe, lilinde ukuFika kweNkosi. Amen. Nakho lapho ukhona.

100 Qaphela, "Umthetho unesithunzi." Zonke lezizinto esizibonayo manje ziyithunzi, yayi ngamathunzi, futhi manje seziba ezangempela. Njengesihlahla sivela, futhi siba yigatsha; bese-ke siya embewini, ukukhiqiza inhlobo efanayo yembewu eyangena emhlabathini. Zonke lezizinto ziphuma kuGenesisi. Futhi, namhlanje, manje . . .

101 "Kodwa lezi zikhonzi, ezavela ngaphansi kwethunzi, bezingeke zenziwe zaphelela." Asihlale kulelozwi lapho.

> . . . *banikela iminyaka* emva *kweminyaka ukubenza baphelele labo* osondelayo.

102 Ngifuna nazi manje . . . Akaze nizwe, izikhathi eziningi, abantu bathi, "O, akekho ophelele" na? Kunjalo, angeke waphelela emehlweni omuntu okanye naye.

103 Kodwa ufanele uphelele, noma angeke waya eZulwini. Kulungile. IBhayibheli lathi, uJesu ekhuluma, ezibusisweni, uMathewu; wathi, "Ngakho phelelani, njengalokho uBaba wenu oseZulwini ephelele." Manje-ke, uzofanele ube nje uphelele njengoba uNkulunkulu enjalo, noma ulahlekile. Manje uzokwenza kanjani na? Niyabo?

104 Manje, iphutha elincanyana elilodwa, futhi usulahlekile; inhlamvu eyodwa yeso encanyana, futhi usuhambile; ngoba akukho-nto engangena phakathi kulezoNdawo kodwa "ukuphelela." UNkulunkulu wabeka uSathane phezulu Lapho, ngesinye isikhathi, njengeNgelosi, eyayiyiNdodana yoKusa, futhi wathatha izinto ezinhle zikaNkulunkulu futhi waziphendukezela ebubini. UNkulunkulu unesiqiniseko ukuthi akukho into eyongena Lapho eyoke iphinde ikwenze. Niyabo?

105 Manje, uzofanele uphelele. UJesu wathi, "Yibani ngabaphelele, njengokuba uBaba wenu oseZulwini ephelele." Manje, uzoba kanjani, uma usalokhu uqhubeka wona, uma usalokhu wenza okungesikho na? Manje, lokho kuzocishe kubeke ifindo elincanyana kwabomthetho, kodwa, qaphela. Akusikho lokhu okwenzayo; yilokho uNkulunkulu akwenzile. Akusikho lokhu okwenzayo; yilokho Akwenzile. Niyabo?

Angeke waphelela; ungeke wakwazi, kuwena uqobo. Kodwa, kuKristu, uphelelisiwe. Awuthembele emisebenzini yakho emihle, noma ebandleni lakho okulo, kodwa wethembele eGazini elachitheka leNkosi uJesu. Nakho lapho okhona. Yilokho okukwenza uphelele. Nakho lokho okungxilisa ihange lakho lokukholwa.

106 Khona-ke, ekuphiliseni ngokukaNkulunkulu, indlela efanayo. Angethembi indlela engizwa ngayo. Uma ngikwenzile, bengiyoba sembhedeni, kulokhu kusa. Kodwa ngethembele emisebenzini yaKhe esiqediwe. Wakusho; Wakuthembisa; ngiyakukholwa. Niyabo? Lokho yikho. "Ngakho yibani ngabaphelele."

107 Manje, o, engathi singathola nje ingxenyana iye kwelinye icala, into ethile iguqukile enhlizweni yami. Ake nginibuze okuthile. Siphila esikhathini sokwahlulelwa manje, kungesikho ukweHlulelwa okukhulu, kodwa ukubizelwa ngaphandle kweBandla. Niyakukholwa na? [IBandla lithi, "Amen."—Umhl.] Siphila ezinsukwini zokwehlukanisa. Kuno—nosizi, u—umbala wokwehlukanisa uzama ukuvuka ezweni. Lokho ngumbhedo. Kodwa kunesangempela isikhathi sokwehlukanisa; okuyikho kokungesikho. UNkulunkulu uhlukanisa abantu baKhe, ebabizela ngaphandle. Niyazi, igama elifanayo *ibandla* lisho "abahlukaniselwe; babizelwa ngaphandle; abahlukanisile"? Amen. "Phumani phakathi kwabo," kusho iBhayibheli, "ningahlanganyeli esonweni zabo nasekungahlanzekeni kwabo, futhi Ngiyakukwamukela uze kiMi uqobo. Futhi niyoba ngamadodana namadodakazi aMi, futhi Ngiyoba nguNkulunkulu kinina. Phumani!" Yisikhathi sokwehlukanisa. "Futhi okuningi kakhulu njengoba nibona lolusuku lusondele."

108 Ibandla elake lazama ukuhamba, bazihlela bona uqobo, futhi manje sebeba eyodwa enkulu kakhulu imbumbuthela yokuphila njengezwe. Niyabo, njengoba iBhayibheli lathi bakwenza kwiTestamente eliDala, ngakho bakwenza, abaningi babo. UNkulunkulu wababizela ngaphandle, wabakhombisa izibonakaliso nezimangaliso, futhi sonke isizukulwane sashabalala ehlane; emva kokuba bebone izibonakaliso, emva kokuba uNkulunkulu ebenzele izibonakaliso, emva kokuba sebebone inkazimulo kaNkulunkulu. Kodwa, ezinhliziyweni zabo, babengabangakholwayo, bavungama kuNkulunkulu, abakhonondayo. UNkulunkulu wathi nje, "Zahlukanise, Mose." Futhi Waqala isizukulwane esisha, ukubawelisa ezweni lesethembiso.

109 Qaphelani. Bangaki phakathi lapha kulokhu kusa abangamaKristu na? Ubungaphakamisa izandla zakho, phakamisa nje izandla zakho, "NgingumKristu." UNkulunkulu akadunyiswe, ukuthi ungumKristu. Ube umKristu kanjani na? Ngoba uthe, "Ngi—Ngifuna ukuba umKristu"? Ngoba ufunile uNkulunkulu, ngezinyembezi na? Ngoba uNkulunkulu,

ngomusa, wakubiza. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kunjalo. Akungoba uMfunile; ngoba Ufune wena.

110 Manje, uma uqaphela, ecaleni leBaptisti, noma iPresbyterian, inkolo yamaArminian, bonke baya embewini. Bathi, "Awu, uma uNkulunkulu engibizile, haleluya, khona-ke ngikahle ngokuphelele. Ngizokwenza engifuna ukukwenza." Lokho kukukhombisa ukuthi awukakutholi, futhi awubizwanga. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ekubizile, uzothanda Yena ngokukaNkulunkulu, izinto zezwe zoba ngezifile kuwe. Lokho kuqinisile.

111 Umfo omncane ehleli emuva lapho ethatha ukuqopha manje. Wangibuza, eza engena, okungowami . . . omunye wabazalwane bami, uMnu. Mercier. Futhi uthatha ukuqopha kweMilayezo emihlanganweni, futhi okanye naye; uLeo no—noGene, emuva lapha. ULeo wathi kimi, efika kulokhu kusa, wathi, "Mfowethu Branham, ikuphi okwaba ngokokuqala; ukukholwa kuveza uthando, noma uthando luveza ukukholwa na?"

112 Ngathi, "Uthando luveza ukukholwa. Kungesikho ukukholwa, uthando. Kumele uthande, kuqala, ngaphambi kokuba ube nokukholwa."

113 Ngakho-ke, uma uthi unokukholwa, futhi ungamthandi ngothando lobuNkulunkulu uNkulunkulu, ukholo lwakho luyize. Niyabo? Kuzomele uthande uNkulunkulu. Ngakho-ke, ungajoyina wonke amabandla ezweni, wenze nomayini obufuna ukuyenza, wenze konke ukuvuma ofuna ukukwenza; kodwa uma kungekho elingokoqobo, elangempela, uMoya oNgcwele, uthando lozelwe kabusha enhlizweni yakho kuNkulunkulu, ukholo lwakho luyize. Kungakhathaleki ukusho kangakanani ukuthi umkholwa kangakanani uNkulunkulu, lokho akuhlangani ngalutho nakho. Kuzomele kuzalwe enhlizweni yomuntu, khona-ke unokuPhila okuPhakade, awusoze wahlukaniswa noNkulunkulu.

114 Manje, uma besinesikhathi, ngibona ukuthi ababaningi abenu abanamaBhayibheli, kodwa ngale eNcwadini yeSambulo. Lalelani manje. Gqokani ikepisi lenu lokucabanga, futhi nivule izinhliziyo zenu. Ngifuna ukusho okuthile manje lapha. Ngifuna nilalele eduze, ngenkathi uMoya oNgcwele useduze.

115 IBhayibheli lathi, eSambulweni, ukuthi, umphikikristu uyofika ngosuku lokugcina, futhi ukuthi uyoba luhlaza kakhulu. Futhi ngale kuMathewu oNgcwele, nakhona, isahluko se 24, uJesu ekhuluma, wathi, "Lapho kufika umphikikristu, ukuthi u—uyosondelela kakhulu, njengomsebenzi wangempela kaNkulunkulu, kuze kudukise nabaKhethiweyo uma bekungenzeka." Bheka, "Dukisa nabaKhethiweyo . . . "

116 Aba "Khethiweyo," kusukaphi na? Egameni "Abakhethwa." "Uyodukisa nabaKhethiweyo uma bekunokwenzeka." Niyabo?

Kodwa akunjalo. Makadunyiswe uNkulunkulu ngalokho! Angeke kwenzeka.

117 Njenga-ngale kumaHeberu, isahluko se 6, Wathi, "Ngokuba akunakwenzeka kulabo abake bakhanyiswa, futhi benziwa abahlanganyeli bakaMoya oNgcwele, futhi banambitha iziphiwo zasezulwini, namandla ezwe elizayo, uma bebengaphenduka futhi bazilungise kabusha bona uqobo kukho ukuphenduka." Angeke kwenzeka. Angeke kwenziwa. Kunjalo. Kungenzeka ukuba kufanisiwe. Kungambuluziswa. Abantu bengenza sengathi bango *sbani-bani*, futhi bengaphambukiswa nayo yonke into encanyana.

118 Kodwa indoda eyayilokhu izalwe ngoMoya kaNkulunkulu, i—inkambo yakhe ibekwe yabheka eNkanyezini yaseNyakatho. Haleluya! Futhi sonke isihogo asisoze samzamzamisa. Kunjalo. Angisho ukuthi angeke enza amaphutha. Angeke ngathi angeke ashelele futhi awe. Lokho kuyiqiniso. Kodwa ngokushesha nje engasukuma ngezinyawo zakhe futhi, amehlo akhe abheke eNkanyezini ngale, futhi eqhubeka. Impela. "Abakhethiweyo!"

119 Manje, iBhayibheli lathi, futhi ngiyazi lelo yiZwi likaNkulunkulu ophilayo. IBhayibheli lakusho lokhu. Lalelani manje. Niyabo? "Nesilo, nomprofethi wamanga," m-p-r-o-f-e-t-h-i, ubunye. "Nesilo," amandla. Ubumthathu emunye besihogo; njengobumthathu emunye bukaNkulunkulu. Manje bhekani.

> *Futhi sa*babangela *bonke, abancane*. . .*abakhulu,* loyo o*cebile* noma o*mpofu,* ababophekile noma abakhululekile, (owesilisa noma owesifazane, indoda noma owesifazane, ingane noma ngabe ubani okwakunguye). . .
>
> . . .*sa*bangela *bonke*, *abancane nabakhulu*. . . *bazibeka uphawu e*. . .ebunzini, futhi babekwe uphawu embusweni wobumnyama.

120 Manje kunezimbili izimpawu oluqhubekayo namhlanje. Futhi awazi nje sikhathi sini. . .O, mfowethu, kudedele lokhu kuhambe ngendlela ephansi kujule. Awazi ukuthi sikhathi sini, ukuthi wena osemqgeni oyisiphetho namhlanje, uzokwenza isinqumo sakho sokugcina. Kulungile. Ungeke wantengantenga isikhathi eside. "UMoya wami angeke uhlale njalo ulwela umuntu." Ngakho, ungayendezela okwesikhashana. Kepha, "UMoya wami angeke uhlale njalo ulwela umuntu," engosemgqeni oyisiphetho.

121 Qaphela, uphawu lwesilo luwuphawu lokuhlubuka, udeveli, imisebenzi kadeveli. UJesu wathi, "Ngobulunga babo bebandla"? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] "Ngokwesayense yezenkolo yabo"? ["Qhabo."] "Ngolwazi lwabo lwasesikoleni"? ["Qhabo."] "Ngezithelo zabo niyakubazi." ["Amen."]

122 Manje, ngakho-ke, isithelo sikaMoya oNgcwele siwuthando, injabulo, ukuthula, ukubekezela, ukulunga, ubumnene, ukuba

nesineke, ukuthobeka. Lokho yisithelo sikaMoya. Futhi, isithelo, lolo wuphawu lukaMoya oNgcwele, lukhombisa lolothando lobuNkulunkulu lugxilile enhlizweni, nezinto zezwe ifile.

123 Manje, uphawu lukadeveli, lingukuzifanisa; imisebenzi, kungesiwo umusa. Imisebenzi ifanekisa izinto ezizayo; ukuzenzisa, ukuya esontweni, uzenza ukuba ngumKristu; uphila njengezwe, uhlanganyela nezwe, uphumela ngaphandle wenzisa okwezwe. "Futhi kusondele kakhulu kakhulu," kuze kube amacala omabili azobukeka efana ncamashi, "dukisa nabaKhethiweyo impela . . ." Nanti ilunga lebandla, liya esontweni njalo; okahle kakhulu umuntu, uya esontweni; omuhle umuntu, oziphatha kahle. Kodwa, nokho, phansi impela ezinzulwini zokujula kwabo, akukaze kube nesehlakalo sokuhlala kukaJesu.

124 Buka kuEsawu noJakobe. Kungani, uEsawu wayemuhle njengokuphindwe kabili njengoJakobe. Impela, wayenjalo. Kodwa, uJakobe wayenento eyodwa, "Wayenenkokhelo yomvuzo." Ulibonile lelolungelo lokuzalwa, futhi wakubalela entweni enkulu emhlabeni.

125 Futhi, namhlanje, siyazama ukubala ukuya esontweni, ukuzwa uDkt. *Sbani-bani* noma uMfowethu *Sbani-bani* ekhuluma, enza izinto enjengaleyo, noma ajoyine ibandla elihle neqembu elihle liqhubeka, imvuselelo emnandi. Sibiza lokho ngokwenza into ethize enhle. Lokho akusikho.

126 UNkulunkulu ubuka enhliziyweni. Futhi, inhliziyo kaJakobe, ayibanga nandaba ukuthi noma yini iyafika inoma iyahamba. Kwakunesisodwa isizathu esiqinile sakhe, leso ngu, kuthola lelo lungelo lokuzalwa.

127 Kunekholwa langempela, namhlanje. Vumela izwe likubize nganoma yini abayifunayo. Bavumele bathi ungoshiselekayo, uma befuna. Babiza uJesu, "Belzabule." "Kakhulu kangakanani abayonibiza ngakho," Wathi. "Nibusisiwe nxa abantu beyakunihlupha, besho sonke isimo sokubi kini, okungamanga, ngenxa yaMi. Thokozani, futhi nibe ngabajabule ngokwedlulele, ngoba mkhulu umvuzo wenu eZulwini, ngokuba bahlupha bona abaprofethi ngaphambi kwenu." Niyakubona na?

128 Manje, yini uPhawu lukaNkulunkulu, khona-ke na? Kwabase-Efesu 4:30, wathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele." Ini na? Kwabase-Efesu 4:30, nina enikwenzayo. "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele." Manje, ngiyazi abanye babo bathi yi*lokhu*, noma *lokho*, noma o*kunye*. Kodwa, akunandaba, iBhayibheli lathi, "Wonke amazwi omuntu mawabe ngamanga, futhi awaMi abe iqiniso."

129 Abanye bathi, "Ukugcina izinsuku, kuluphawu." Nabanye bathi, "Ukwenza *lokhu,* kuluphawu." Nabanye bathi, "Ukuba ngufakazi wa*lokhu,* kuluphawu."

130 Kodwa, iBhayibheli lathi, "Ningamdabukisi uMoya oNgcwele kaNkulunkulu, enabekwa uphawu kuze kube wuSuku lokuhlengwa kwenu." Kuze kube nini na? "Kuze kube wuSuku lokuhlengwa kwenu." Kungenziwa kanjani na?

131 UNkulunkulu engalenza iphutha na? Ubengamnika umuntu uMoya oNgcwele . . . Futhi Yena engongenasiphelo, wazi kusukela ekuqaleni kuya ekugcineni, ubeyomnika umuntu uMoya oNgcwele, futhi wamthembisa ukuPhila okuPhakade, futhi bese-ke eguquka, aKususe kuye na? Lokho bekuyoMenza onesiphelo, njengami nawe, ongaphansi kwamaphutha.

132 Kodwa, makabongwe uNkulunkulu, uBaba wethu oseZulwini akawenzi amaphutha. U . . . Ngokuqinisekile. Angeke enza iphutha. Kusukela ekuqaleni, Wayengongenasiphelo; futhi Uyoba njalo, ekugcineni. Angeke enza amaphutha. Uphelele.

133 Qaphela, manje ngibuyela emuva ku—kumaHeberu futhi. Manje, "Ngakho yibani ngabaphelele." Manje ngizokweqa ngale manje futhi ngiye eSambulweni.

> *Futhi* wabangela *bonke, bobabili* . . . o*mkhulu,* (omdala, osemncane, owesilisa nowesifazane) . . . ababophekile *na*bakhululekile, *bazibeke uphawu* ebunzini *labo, nase*sandleni *zabo*:

134 "Futhi wadukisa bonke ngaphandle kwalabo amagama abo alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu." Wakhohlisa bonke, umhlaba wonke, ezenkoloze. Wamukela amaKristu okwenziwa. Wadukisa ilunga lebandla. Wadukisa indoda eziphethe kahle. Wadukisa indoda elungile. Wadukisa ababizwa ngabashumayeli. Wadukisa ababizwa ngamaKristu.

135 Wadukisa bonke ngokusakaza ukuchema kwakhe okukhulu, ethi, "Sonke siyibandla elikhulu, futhi besifanele sihlangane ndawonye, futhi sibe nezinto zezwe nebandla nohulumeni, kuhlangane. Kuyini . . . Sizoqeda zonke izimpi, kuze kube phakade."

136 Izinkulungwane zomama, izigidi zabo, uzothi, "Leyo yinto esiyifunayo." Bheka lapho kuvela khona, dadewethu. Bheka lapho isizinda sakho sikhona.

137 "Futhi wadukisa bonke labo amagama abo angalotshwangwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu."

138 Manje senilungele na? Nakhu lapho kukhona. Kungumbhobho ophindwe kabili nomthwalo osindayo. Kulaleleni, manje. "Wadukisa bonke amagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu . . . " Kusukela ngenkathi bejoyina ibandla na? Kusukela ngesikhathi semvuselelo na? Amagama abo alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngenkathi bengena ebandleni na? Qhabo. "Amagama alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu

kusukela ekusekelweni kwezwe!" Amen. Lokho kuyakwenza. Niyakuthola na? Lokho bekweqiwa, iminyaka engamakhulu, phakathi kwabafundisi.

139 Kodwa, buka, igama lobuKristu alilotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngenkathi eza ealtare. IBhayibheli lathi, "Igama lakhe lalotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu, indlela yonke ivela ekusekelweni kwezwe." "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi bonke labo abazayo, Ngizomnika ukuPhila okungunaphakade, futhi ngiyomvusa ngezinsuku zokugcina." Yini esiyisabayo na?

140 Ngilaleleni, mfowethu okhandlekile. IBhayibheli lathi, lokho, "UJesu wayeyiWundlu likaNkulunkulu elahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe." Qaphela. O, he! Kuyivuthisa kanjani inhliziyo yakho! Kukunika kanjani lokhu ithemba! Emuva le ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi uSathane ephambukisa, ububi; uNkulunkulu, engongenasiphelo, wabuka phansi ngomgudu wesikhathi, futhi wabona isiphelo.

141 Ngokwazi ngaphambili! Uma Engazazi zonke izinto, nimnqindile uNkulunkulu, niMenzile waba ngonesiphelo njengawe nami. Kodwa, uNkulunkulu akanasigcino; amandla kaNkulunkulu, ulwazi lukaNkulunkulu, yonke into. UngoNamandla onke.

142 Emuva le ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi uSathane esenzile ububi, ngoba uSathane wayenakho emqondweni wakhe ayezokwenza, futhi uNkulunkulu wabona ukuthi Engabhekana kanjani nakho. Amen.

143 IBhayibheli lathi, "Ekuqaleni wayekhona uLizwi," uJohane oNgcwele 1, "uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu." Ekuqaleni, ngenkathi isikhathi siqala. KwakuyiPhakade, ngaphambi kwalokho. Lokhu kusesikhathini, esikhuluma ngaso.

144 IPhakade linjengoku—okubonakala ngasikhathi sinye. Alisoze—alisoze lagcina. Liyindilinga, liqhubeka phakade naphakade naphakade. Liyisondo elingenasigcino lelo elingazange lime noma alisoze laba nesigcino. Kodwa uSathane wabeka ukuhlukana phakathi lapho, futhi uza ehla lapha futhi ubengadunga yonke into.

145 Kodwa, uNkulunkulu ubonile lapho okungaba khona isikhala sesikhathi. Futhi eba ngomkhulu Lowo ongenasiphelo, kusulela ekuqaleni kuya ekuqaleni, Wabuka phansi. Futhi Waye, ekuqaleni, iZwi. Manje, izwi lingumcabango obonakalisiwe. UNkulunkulu uqala ukucabanga, njengoba Eqala ukubona sonke isidalwa esingumuntu esake seza emhlabeni, futhi yonke inyoni, nalolonke izeze, nayoyonke impukane. Haleluya! Lokho ngukungabi nasiphelo, uSomandla, oPhakade, uNkulunkulu ohlale ekhona. Loyo nguYe esimkhonzayo kulokhu kusa.

146 Emuva le ekuqaleni, futhi Ubonile ukuthi kwakunabanye abantu owayezoshisekela ukusindiswa, abanye abantu owayezofuna ukuba asindiswe, abanye abantu abazothembeka enhliziyweni yabo. Babefuna ukusindiswa. Khona-ke, Uzofanele enze ukulungiselela insindiso yabo, kunjalo, noma abasoze basindiswa. Futhi Uyazi ukuthi noma yini engaphelele angeke ize ingene eZulwini, ngakho-ke Uzofanele enze indlela yokubaphelelisa. Amen. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

147 Khona-ke, emuva lapho, Wathi, "Mina, uqobo lwaMi, ngizokwehlela ezweni futhi ngithathe umzimba wenyama, futhi Ngizokhokha inhlawulo edingakalayo lapha. Futhi Ngizothatha indawo, futhi Ngizobenza baphelele ngoba Ngizobaletha kiMi, futhi Ngiphelele."

148 Khona-ke ngenkathi uJesu ethi, "Yibani ngabaphelele, ngisho nalabo aba . . . uNkulunkulu uphelele."

149 Khona-ke lapha kwakunalomzimba ocubuzayo owawushayiwe futhi walinyazwa ngenxa yesono, futhi sonke isono izwe elake laba naso noma nanini ebesingaba naso, sabekwa phezu kwaKhe. Futhi Ungumzimba uJehova awuvusa ngosuku lokugcina lapho, ngosuku lwesithathu emva kokufa kwaKhe.

150 Futhi uma sikulowoMzimba, siphelele nje njengoba uMzimba unjalo. Amen. Nakho lapho ukhona. Ungena kanjani kuloyoMzimba na? Ungena kanjani kuWo na? IBhayibheli lathi, kwabaseRoma 8:1, "Ngakho-ke akusekho ukulahlwa kulabo abakuKristu uJesu, abangahambi ngokwenyama, kodwa ngoMoya." Abanandaba ukuthi izwe lithini, noma ukuthi omunye umuntu uthini, noma ngisho imindeni yabo ithini. Bahamba eMoyeni kaNkulunkulu, ekupheleleni, uthando loBuNkulunkulu. Niyakubona na?

151 Ungena kanjani kuKho na? Ngokujoyina ibandla na? Ngokuxhawula izandla na? Ngombhaphathizo wamanzi na? Qhabo, mnumzane.

152 Isahluko se 12 kwabaseKorinte bokuQala sathi, "NgaMoya munye sibhaphathizelwe eMzimbeni munye, futhi saba ngamalunga aloyoMzimba." Futhi, khona-ke, akusikho engikwenzile, engiyikho, engangiyikho, noma ngalutho ngakho. Kuyilokho uNkulunkulu angenzele khona, kuKristu, futhi sipheleliswe ngoMhlatshelo wethu.

153 Akenzi phutha. Ubengeke akungenise ukuba bewungafanele. Uyayazi inhliziyo yakho. Kunjalo. Wazi oyikho. Wazi okukugqugqumezelayo. Uyazi ukuthi ungubani. Kunezicupho zonke ngasemgwaqeni. Impela, udeveli uyobangela ukuba ukhubeke. Futhi wena uthi, "Angiqondanga ukwenza lokho. Nkulunkulu, Uyakwazi." Usalokhu uphelele ngoba kuneliphelele iGazi elanikelelwa wena, nsuku zonke,

futhi uMnikelo owophayo ulenga ngaphambi kweSihlalo sikaNkulunkulu uSomandla. Lokho yiqiniso. Manje, ungene kanjani phakathi Lapho na? UNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili . . .

154 Manje, uNkulunkulu wathi uJesu . . . Manje gqokani amakepisi enu. Vulani inhliziyo yenu. Bukani. IBhayibheli lathi, "UJesu wayeyiWundlu elahlatshwa kusukela e" (kuphi na?) "kusekelweni kwezwe." Wahlatshwa. Kungani na? UNkulunkulu, uBaba, ngenkathi Ebuka phansi futhi ubonile ukuthi kanjani . . .

155 UJesu akazelanga nje ukufa ngokuhlofuhlofuza. Akakaze eze, ethi, "Awu, mhlawumbe umuntu thizeni uzoba nokudabuka ngenkathi bebona indlela Engafa ngayo, yonke into." Qhabo. Qhabo. UNkulunkulu akaliphathi ibhizinisi laKhe kanjalo. UNkulunkulu uphatha ibhizinisi laKhe ngokuphelele. Lokho kuyiqiniso.

156 Wayazi khona impela ukuthi yini eyayizokwenzeka. Yileyondlela Ayengakusho ngayo ngaphambili. Wazi khona impela A . . . "Akafisi ukuba kubhubhe namunye." "Akafisi," kodwa, uma Engongenasiphelo, uYazi ukuthi ubani oyokwenza futhi ubani ongezukwenza. Ngakho-ke, ungaphumula nesiqiniseko, uma wemukele uNkulunkulu futhi ugcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ugxiliswe kuze kube isiphethelo sakho saPhakade. Ngokweqiniso. Niyabo, Wazi ngaphambili.

157 Manje bhekisisani. IBhayibheli lasho, ukuthi, "UJesu, iWundlu, lahlatshwa ngaphambi kokusekelwa kwezwe." O! Ngi—ngiyazi ngiyaxaka phezulu lapha, kodwa ngi—ngi—ngizwa ngikahle kakhulu. Bukani. Yini na? UJesu wahlatshwa ngaphambi kokuba izwe lize libe ngisho nechashazi lokungcola lokuqala elabekwa. UJesu wayesevele ehlatshiwe. Kungani na? Ngoba uNkulunkulu . . . Nakhu la kukhona. Niyakuthola. UNkulunkulu, ngokwazi ngaphambili, ngenkathi AyeyiZwi ekuqaleni, Waqonda umcabango. Manje kungumcabango nje; khona-ke ngenkathi Ekukhuluma, futhi wathi koba njalo, uJesu wahlatshwa ngalomzuzu uNkulunkulu ekhulume iZwi. Yini-ke pho na? Iminyaka eyizinkulungwane ezine kamuva, Uza futhi wakhokha inani, lokho uNkulunkulu ebesevele ekwenzile emuva lapha, ngeZwi laKhe. Kwakufanele Afike. Bonke odeveli esihogweni babengeke baMgcine ukuba angezi. UNkulunkulu usevele ukukhulumile.

158 Manje, kholwa, ngabe usuzigqokile izicathulo zakho zenjabulo na? Lalela lokhu. Uma ungumKristu, uma ngempela ungumntwana kaNkulunkulu, iBhayibheli lathi . . .

Lokho akusikho, "O, mshumayeli!"

159 Lelo yiBhayibheli. Lathi, "Amagama enu lalotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe." O, he! Isikhathi esifanayo uKristu . . . ukuthi

uNkulunkulu wathi uKristu uyohlatshwa, Waloba igama lakho ngelaKhe. Haleluya! Nakho lapho ukhona. Igama lakho lalotshwa phakathi . . .

160 Wathi, "Futhi wadukisa bonke, abakhulu, nabancane," abaningi babengamalunga ebandla, amaKristu enziwe. "Wadukisa bonke amagama abo ayengalotshwanga," kungesikho encwadini yebandla, kodwa, "eNcwadini yokuPhila yeWundlu" (nini na?) "ngaphambi kokusekelwa kwezwe." UNkulunkulu waloba igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu, ngeZwi laKhe elikhulunyiwe. Futhi wathumela uKristu, uMnikelo, ukulithenga, ukuhlenga leloqembu elifanayo lelo Alobile amagama abo eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

161 Manje, "Labo Ababizile, Ubalungisisile." Wababiza ngaphambi kokusekelwa kwezwe. "Labo Ababizile, Ubalungisisile. Futhi labo Abalungisisile, Usebakhazimulisile." UNkulunkulu ofanayo, ukuthi ngaphambi kokusekelwa kwezwe, wabiza igama lakho futhi waliloba eNcwadini yokuPhila yeWundlu; eNcwadini, kusukela ekusekelweni kwezwe, usevele ukwenzele indawo eNkazimulweni. "Futhi ngenkathi leli tabernakele lasemhlabeni lishabalaliswa, sekuvele kukhona elinye elilindile lapho eNkazimulweni . . . ? . . . " Nakho lapho ukhona. Lelo yiVangeli.

162 Sikhathazwa yini na? Kungani sihamba ngale sibuka *kanje*, "Awu, ngiyamangala nje"?

163 Phakamisani amakhanda enu! IBhayibheli lathi, "Phakamisani amadolo axegayo. Futhi nivumele izandla ziphakame, lezo ezike zalengela phansi. Akuthi loyo ontekenteke, athi, 'Nginamandla.'" Amen.

164 Ngokuba, iVangeli lilethiwe. YiziNdaba ezinhle. Futhi, kulokhu kusa, uMoya oNgcwele, ngeZwi, unilethela iziNdaba ezinhle, ukuthi, "Kusukela ngaphambi kokusekelwa kwezwe uNkulunkulu waloba igama lakho eNcwadini yokuPhila yeWundlu." Bonke odeveli abaphuma esihogweni angeke balicima lisuke lapho. IZwi likaNkulunkulu selivele likukhulumile. Ngokuqiniseka nje kuzokwenzeka, njengoba uNkulunkulu ekulobile phakathi lapho ngaphambi kokusekelwa kwezwe! Amen. Ukhazimula kangakanani uBaba wethu oseZulwini, othandweni laKhe olungenasiphelo nomusa waKhe, ukusenzela lokho!

165 Wathi, "Yibani ngabaphelele, njengalokhu uBaba wenu oseZulwini ephelele." Ungaba kanjani na? Ngenkathi, kungesikho ukuphelela kwami, kungesikho ukuphelela kwakho. Kungukuphelela kwaKhe, kweZwi laKhe; ukuthi Wakukhetha, futhi awuzange ukhethe Yena. Futhi Waletha wena kuKristu. Futhi uvikeleke ngoJesu Kristu, futhi

nje njengokuphelele njengoKristu wayenjalo phambi kukaNkulunkulu. Ngokuba, awuzimele ngokwakho. Ume kuYe, ngento eyodwa, "Ngiyamkholwa uNkulunkulu." Amen. O, ngiyaMthanda! O, he!

166 Ngakwelinye icala laseEdeni, amen, kuyoba isikhathi esimangalisa kangakanani sukulumbe, ngenkathi ubuka emuva phansi futhi uthi, "Ngangisabelani na? Bukani injabulo engiyigejile."

167 Nsizwa, ntombi, kulokhu kusa, noma wena ndoda esikhulile noma owesifazane, ongakaze abe ngumKristu. UNkulunkulu uqhubekile wangqongqotha enhlizweni yakho. [UMfowethu Branham ungqongqothe epulpiti kane—Umhl.] O, yebo, ungahle ungene ngaphakathi ekugcineni komgwaqo, kodwa awuyikuba nenjabulo. Ziyobe zingekho izinkanyezi ezikuzungezile ukukhanyisa. Angifuni ukuma kanjalo.

168 Ngifuna ukuzwa Yena ethi, "Kwenzeka kahle, Nceku yami enhle nethembekile." Ngifuna ukukhombisa Yena ukuthakasela kwami.

169 Owami bandla, omncanyana, unkosikazi omdala onezinwele ezimpunga, bengingathanda kanjani ukumenzela into ethize, leyo engaziyo ukuthi uyayithanda, ngoba ngiyamthanda, futhi ngiyazi ukuthi uyangithanda. Futhi uma lokho bengingakwenzela unkosikazi wami, othandweni lobuntu, bengifanele-ke ngenzeni, ukwazi ukuthi uNkulunkulu, ngomusa, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ungibonile; oswele, isoni esincanyana esiyendayo, futhi ngangiya esihogweni futhi ngingeke ngazisiza na? Futhi Wangigcoba ngaphambili, futhi wafaka igama lami eNcwadini yokuPhila yeWundlu ngaphambi kokusekelwa kwezwe. O, ngiyaMthanda! Akukho ndlela nakanye, yokuhlale ngisho . . .? . . . Akumangalisi iBhayibheli lathi, "Iso alikubonanga, indlebe ayikuzwanga, noma kwangena enhlizweni yomuntu." O, he! Ukhazimula kangakanani uNkulunkulu! Awufuni ukuMthemba, uma udangele futhi ushukuziswa na?

170 Indumalo kinina maKristu, labo abazibiza ngamaKristu, futhi nijikeleza nokudangala. "Awu, angazi. Futhi uma ngiya esontweni, i . . . " O, uyisithiyo esidabukisayo.

171 Ake nginitshele. Phakamisani amakhanda enu. Qondisa isifuba sakho. O, he! O, sebenzisa ukukholwa. Ukukholwa kungubasi. Kunjalo. Ukukholwa kuneziboya esifubeni sakho. Mfowethu, ngiqonde, ukuthi kunemisipha emikhulu. Uma kukhuluma, zonke izinkathazo ziyaqathaka zisuka ecaleni elilodwa ziya kwelinye.

172 Udeveli uthi, "Manje, ungeke nje waphumelela. Angeke wenza lokhu. Unamahloni okufakaza."

173 Ukholo luyavuka, luthi, "Thula! Nginephansi." Amen. Impela. Ukukholwa kuthatha isinyathelo. Yilokho esikudingayo

namhlanje kuwo wonke umhambi ezweni. Qondisa ikhanda lakho.

174 IBhayibheli lathi, "Ngenkathi ngangi . . ." UDavide wathi, "Ngenkathi ngangesaba, ngahamba no . . . ngathemba Yena. Ngenkathi ngangesaba, khona-ke ngathemba Yena. Noma ngabe yinini uma ngiza ngisho ekusabeni ukufa, amathunzi . . ."

175 Ngenkathi uPawulu ehla, wathi, "Kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na?" Mfowethu . . .

> Izimpilo zamadoda amakhulu zonke ziyasikhumbuza,
> Singenza izimpilo zethu ziphile ngokuphakama kakhulu,
> Ngokuhlukana, zisishiya ngemuva
> Amanyathelo ezihlabathini zesikhathi.

176 Sukulumbe, sihleli ngale emagqumeni asezulwini eNkazimulo, lapho ilanga lingasoze lashona kulowoMuzi, lapho abangcwele sebevele beyamemeza, lawo maqhawe amadala oKholo, ebuka emuva phansi phakathi kulezozindawo ngale, futhi ebona indlela yethu, yenziwe ngeNkazimulo. Ngifuna ukuhlala nawo, futhi ngibone ukuthi ngibhekise ikhanda lami phezulu emoyeni futhi ngathemba uNkulunkulu, futhi ngaqhubeka, ngesikhathi sesiphepho. O, he!

Asikhuleke.

177 Baba wethu oseZulwini, sibonga Wena kulokhu kusa ngoJesu. Sibonga Wena ngokuphheleliswa kweVangeli, ngokuphelelisa, nemibuso yaPhakade yePhakade likaNkulunkulu, iZwi elikhulunyiwe. Futhi ngokweZwi laKhe, Wasibiza futhi wasikhethela kuYe ngaphambi kokusekelwa kwezwe, futhi waloba amagama ethu ngaphambi ngokusekelwa kwezwe. Uma uNkulunkulu ekhuluma izwi, kuzomele lenzeke. Kumele nje lenzeke. Futhi Wakhuluma amagama ethu ngenkathi Ukhulume iGama laKhe. Wasikhetha, naYe, ngaphambi kokuba izwe liqale, ngakho-ke akunalutho ebesingathi besingalenza, Nkosi. Aku—akukho esintwini. Akukho esingagabisa ngakho noma siqhoshe ngakho. Into eyodwa esiyishoyo, ngukuthi, "Nkulunkulu, siyakubonga ngomusa waKho. SiyaKubonga ngomusa waKho, Nkosi. Ukubona ukuthi sasingabafokazi, kodwa manje Wena usiphelelisile ngaloyoMhlatshelo ophelele lowo esime kuwo, O Nkulunkulu, simi kuYe, namhlanje, njengoba siqhubeka." Sibonga Wena, Baba, ngalezizinto.

178 Sicela, uma kukhona oyedwa phakathi lapha namhlanje, Nkosi, lowo ongekho kulesosimo, makuthi bona ngalesisikhashana benze esabo esisodwa futhi esaPhakade nesinqumo esingunqamula juqu, ngaphambi kokuba Wena wenze okwaKho kokugcina futhi ukubiza okungunqamula juqu enhliziyweni yabo. Siyakhuleka ukuthi Uzosipha khona ngeGama likaKristu.

179 Futhi ngenkathi sisagebise amakhanda ethu, ngiyazibuza uma kunomuntu onjalo lapha kulokhu kusa, ngempela osentombini elele; awukaze uphaphamele ekuqondeni ukuthi ufanele usindise umphefumulo, uzofanele wenze into ethize na? Futhi ufuna uNkulunkulu akukhumbule, njengomsindisi womphefumulo; ufuna ukuba ngomunye ozophuma futhi azame ukuthola imiphefumulo isindiswe na? Ubungaphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise. Lokho kuhle. Kulungile.

180 Ngabe ukhona umuntu onjalo lapha kulokhu kusa ongakaze nakanye amukele uKristu njengoMsindisi, kodwa, kulokhu kusa, ufuna ukwenza lesosinqumo esingunqamula juqu nesaPhakade na? Njengoba ubona ilanga lishona ngale, futhi uyazi yizinsuku ezimbalwa nje ngaphezulu futhi angeke sisaba lapha futhi. Uyakwazi lokho. Kodwa ufuna uku—ufuna ukuza eMbusweni kaNkulunkulu. Ufuna uNkulunkulu akwamukele. Futhi uyakholwa ukuthi Uyakwenza, futhi uzophakamisa isandla sakho kulowomphumela, kulokhu kusa, ukuthi uyakholwa ukuthi uKristu manje ukuthatha njengomntwana waKhe. UNkulunkulu akubusise. Futhi uNkulunkulu akubusise.

181 Omunye umuntu thizeni, uzothatha Yena njengoMsindisi oqondene nawe, kulolusuku na? Uzophakamisa isandla sakho, uthi, "Kusukela kulolusuku, kuqhubekele phambili, manje ngizokhonza uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yami. Ngiyakholwa. Futhi ngifuna ukukhunjulwa. Yonke impilo yami, Into thizeni ingqongqothe enhlizweni yami, futhi yangqongqotha enhliziyweni yami, futhi ngiYicimile. Futhi ngiyasaba ngingahle ngiKucime ngesikhathi okungesiso manje. Futhi ngakho, kulokhu kusa, Nkulunkulu, ngomusa, ngiyaphuma futhi ngiphakamisa isandla sami, ngithi, 'Yiba nomusa kimi, isoni'"?

182 Engaba khona omunye na? UNkulunkulu akubusise. Abusise nawe, ntombazana encanyana. Ngiyasibona isandla sakho, nawe, sthandwa. Kulungile. Omunye umuntu, ubungaphakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule"?

183 Ngabe ukhona umhlubuki, futhi athi, "O, Mfowethu Branham, ngingumKristu, kodwa ngiyisikhubekiso komunye. Njalo ngiyahlubuka futhi ngenze okungafanele. Futhi ngi—ngiyamthanda uNkulunkulu. UNkulunkulu wangithatha ngomusa. Ngiyazi ngingumntwana waKhe. Kodwa angikaze ngikhuthale, angikaze ngenze umsebenzi weNkosi. Ngiyaphambuka nje ngandlela thize endleleni, futhi ngingene futhi ngiphume, futhi ngingene futhi ngiphume. Kodwa Into thizeni iqhubeka nokungibamba nje, enhlizweni yami. Nginamahloni ngobufakazi bami. Bengingaba namahloni ukuhlangana noNkulunkulu, kulokhu kusa, akukho mphefumulo owodwa noma akukho lutho. Ngi—ngi—ngifuna

uNkulunkulu angibuyisele emuva futhi angange ohlangothini lwaKhe olophayo, futhi anginike ukubhaxabulwa kwami, okungifanele, futhi angenze ngibe ngumKristu wangempela kusukela namhlanje, kuqhubekele phambili. Ngizophakamisela isandla sami kuNkulunkulu. Yilokho engifuna Ukwenze, Nkulunkulu."

184 UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, wena, wena, wena. Lokho, manje uNkulunkulu ubona inhliziyo yakho. Futhi iningi lenu eniphakamise izandla zenu, ngiyanazi. Ngiyayazi impilo yenu enokwehla nokwenyuka. Ngenkathi nisa . . . (Amanye amaKristu ayakhuleka.) Ngiyasazi isimo senu esinokwehla nokwenyuka. Ngiyakwazi ukuhlubuka kwenu. UNkulunkulu ubazi kangcono kangakanani, uma bengibazi. Ngiyakubona uza ealtare, uzame ukwenza ukuqala, futhi ubuyele emuva; uzame ukwenza ukuqala, futhi ubuyele emuva.

185 Indoda yehliswa isifile, izinsuku ezimbalwa ezedlule, le ebivame ukufundisa uSonto sikole lapha. Ngiyasaba abanye babantu bakubo ulapha. Bengiyolibiza igama, abaningi benu bayazi ukuthi ngikhuluma ngobani. Leyondoda ibiza esontweni, ibuyele emuva; ibiza esontweni, ibuyele emuva. Yayifuna ukwenza kahle. Yaba nesehlakalo noNkulunkulu. Yayiyindoda elungile, enhlizweni, kodwa yathola ukuphuthaza nezinto zezwe kakhulu. Yafa, insizwa. Yalishiya izwe. Manje ngiyazibuza ukuthi uyoba yini umvuzo wayo. Niyabo? Ungakwenzi lokho. Ungakwenzi lokho, mngani. Hlala ehhanisini.

186 Leyondoda ibingabuyela emhlabeni namhlanje, futhi ime ngale edolobheni, noma yikuphi, indawana efanayo la eyafela khona, ibiyomemeza futhi igijimele ngasetabernakele kakhulu njengoba ibingeza. Mfana, ngiyakutshela, bekuyoba nemiphefumulo esindisiwe kuleliviki elizayo, uma ubengafika lapha. Usengaphesheya komugqa manje. Kodwa, khumbula, inqobo nje uma kunePhakade, ngokujula njengesibhakabhaka, abazose baba nelinye ithuba ukusindisa umphefumulo, abasoze babanelinye ithuba ukuphilela uNkulunkulu. Wenze isinqumo sakhe esingunqamula juqu.

187 Uthini ngesakho, kulokhu kusa na? Asikulungise, kuNkulunkulu, ngesikhathi sinamakhanda ethu ekhotheme. Siphe inothi elincanyana, "Ngakwelinye icala leJordani."

> Ngakwelinye . . . (Manje qhubekani nikhuleka.) . . . leJordani,
> Ezinkundleni ezinhle ze-Edene, (Kancane manje, sonke.)
> Lapho iSihlahla sokuPhila siqhakaza,
> Kunokuphumula kwakho.

UJesu uqgabula zonke izibopho,
UJesu uqgabula zonke izibopho,
UJesu . . . (Yini ekubuyisela emuva na?) . . . zonke izibopho,
Ngenkathi Ekukhulula!

Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngokuba Wangikhulula!

Manje sonke, ndawonye, kancane.

Ngakwelinye icala leJordani, (nje ngaphesheya komfula ngale)
Ezinkundleni ezinhle ze-Edene
Lapho iSihlahla sokuPhila siqhakaza,
Kunokuphumula kwakho.

Kungani, Jesu uqgabula zonke . . .

188 Izibopho zokunganaki, izibopho zenkolo, isibopho sobuhlelo, isibopho sokona, izibopho zokungakholwa.

Jesu . . . (UbuKhona baKhe buseduze.) . . . zonke izibopho.

Yenza isinqumo sakho nje.

Ngenkathi Ekukhulula!

Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza Yena,

UNkulunkulu akubusise, nenekazi.

. . . ngiMkhonza,

189 Omunye umuntu futhi, vumela izibopho zigqashulwe yonke indawo. Awufuni ukukhululeka, namhlanje na? Uzenzisela bani nje na? Kungani, udabukisela wena uqobo, uma ungakhululekile; uMoya oNgcwele, zonke izixhobo zisuke endleleni, uMoya kaNkulunkulu uhamba wehla ngenhliziyo yakho. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Ngakwelinye icala . . .

190 Mhlawumbe ethize encanyana into endala ikubambile. Awufuni ukuba usindiswe na? Ngithemba ukuthi amagama ethu asongwe ndawonye. UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Ngethemba ukuthi amagama ethu asongwe ndawonye, ngale eNkazimulweni, njengezinkanyezi zikaNkulunkulu, zikhanya njalonjalo. Buka ngale futhi uthi, "Nakho kumi uMfowethu Branham."

191 Ngiyothi, "O, yebo, mfowethu. Uyakhumbula phansi etabernakele ngalokho kusa na?"

. . . qhakaza,
Kunokuphumula kwakho.

Ngiyohlala njalo, njalo ngiMkhonza, (Awufuni ukukwenza na?)
. . . yohlala njalo, njalo ngiMkhonza,
Ngi . . .

192 Mhlubuki, awufuni yini ukunyukela ealtare manje na?

Nja- . . .

Leyo encanyana into ethize endala imi endleleni yakho. UJesu ugqabula lesosibopho. Woza.

Ngekhathi Ekukhulula!

Phansi esiphambanweni lapho uMsindisi wami afela khona,
Phansi lapho ekuhlanzeni esonweni ngakhala;
O, lapho enhlizweni yami kwakuneGazi elabhecwa;
Udumo eGameni laKhe!

O, udumo eGameni laKhe eliligugu!
O, udu- . . .

193 Umngani oyisoni, lapha ealtare, mhlubuki, Mtshele ngakho manje. Kwakukuphi na?

Lapho enhlizweni yami kwakune . . .

194 Uyaguqa lapho wedwa noNkulunkulu manje. Ubheke wena. Akukho ngisho umzwilili ongawa ngale kwaKhe ukuba azi.

O, woza kolomthombo ocebe kakhulu, omnandi, ozothile,

195 Uma ungakaze umamukele uMoya oNgcwele, woza. Ulapha.

. . . ezinyaweni zoMsindisi;
O, ziphonse phakathi namhlanje, futhi wenziwe uphelele;
O, udumo kwelaKhe . . . (Libambe lapho manje.)

196 Ngenkathi amakhanda enu ekhotheme. Wake waqaphela abantu abemukele uKristu na? Bheka ukuthi indawo enjani ababekuyo, baKuthola kanjani, ubabona benza ngendlela efanayo. Impela. Uma kuyinkolo ephambene nokukholwa okuyikho, futhi isetshenziwe futhi okwemizwa, ingane iyokhuliswa kanjalo. Leyo yindlela okuyohamba ngayo. Uma kubanda, kusemthethweni, nokunganaki; imvamisa ngendlela abayiyo. Bamukela lolohlobo lomoya, ngoba yilokho lapho okusebenzayo khona-ke.

197 Ngithathe ungiyise esiphambanweni. Ngithathe ungiyise endaweni lapho kunoMoya unyakaza, ozothisa inhliziyo yami. "Nakuba ngikhuluma ngolimi lwabantu nolweziNgelosi, nakuba ngiphisa ngazozonke izimpahla zami ukondla abasweleyo, umzimba wami ushiswe njengomnikelo, ngibe nolwazi ukwazi zonke izimfihlakalo nazozonke lezizinto, konke kuyohluleka.

Kodwa ngenkathi lokho okuphelele sekufikile, okuwuthando, kwakhuthazela njalonjalo." Uthando lwenziwa ukukholwa.

198 Ungeke weza manje ngenkathi lona othandekayo, ozithobile, umuzwa omnadi kaMoya oNgcwele unyakaza lapha ealtare manje. Guqa phansi nje, uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi. Ngifuna Wena ungiphe manje, enhliziyweni yami, loMoya osebandleni. Manje ngiyaguqa, futhi ngiyacela. Futhi, ngokukholwa, ngiyakholwa ukuthi Uzongipha khona." Uzohamba usuke lapha, omunye wabathobekile, omoya abamnandi ukwedlula bonke. Kuyoba konke sekuphelile khona-ke.

> Ngisindiswe ngokumangalisayo kakhulu esonweni,
> UJesu kamnadi kakhuku uhlala ngaphakathi;
> O, lapho esiphambanweni lapho Angingenisa khona;
> Udumo eGameni laKhe!
>
> Udu-. . .

199 Ngenkathi sisacula leli, ngiyazibuza uma kukhona noma yimaphi amaKristu ebeyothanda ukuphinda ukwahlukaniselwa ukuphila kwabo nalaba lapha ealtare, ozele uMoya oNgcwele nensindiso. Ubungathanda ukuguqa phezulu lapha nathi, ukhuleke nathi okwemizuzwana nje na? Noma yini onesidingo sayo, akukhathaleli ukuthi kuyini. Uma kungukugula, unesidingo sokuphulukiswa. Uma kuyinkinga, futhi udinga ukubangcono. Uma ukhathazekile futhi uhlushwa, unesidingo— unesidingo sokuthula. Woza manje, ngeke na?

> O, woza kulomthombo ocebile kakhulu nomnadi;
> Phonsa umphemfumulo wakho oswele kokukaMsindisi . . .

Ngijabula kakhulu ukubona abaningi kakhulu beza, kulokhu kusa.

> . . . phakathi namhlanje futhi wenziwe uphelele;
> Udumo e . . .

200 Niyabo, kungumsebenzi kaMoya oNgcwele. Uyakwenza lokhu. "E . . ." Kungesiwo amadlingozi. Okuqinile, okujulile. Kungesikho ukuhlanya. Akusikho ukugcina umthetho. Wuthando lolo elikudonsayo, lusiphoqelela.

> Lapho enhliziyweni yami kwakuyiGazi elabhecwa;
> O, udumo eGameni laKhe!

201 Kuyamangalisa! Wonke umuntu nje ekhothama manje. Anikuthandi lokhu na? Angazi ukuthi uzizwa kanjani, kodwa ngizizwa ngathi, enhliziyweni yami, uzwa nje ukuqathaka

kwezinyembezi kwingaphakathi lakho, wehlela phansi. UMoya oNgcwele kaNkulunkulu, nje Wenza umsebenzi. Mfowethu, nginike ibandla elinjengalelo, lelo eliphukile ngempela, lehlela phansi endlini yoMbumbi, ukuba liphinde libunjwe.

Jesu, ngisondeze esiphambanweni,
Kunomthombo omangalisayo,
Omahhala kubo bonke . . .

202 Izethameli azisize zicule lelo manje, ngenkathi abazisolayo bese altare, becela.

Ugeleza uvela emthonjeni waseKalvari.

Esiphambanweni, esiphambanweni,
O, yiba udumo lwami njalo;
Futhi umphefumulo wami ohlwithiweyo uyakuluthola
Uphumule ngaphesheya komfula.

203 O Nkulunkulu, Baba wethu, siza kuWe, namhlanje, sizithobile, siphukile. UMoya oNgcwele ungena phakathi eZwini. AmaKristu kakhulu abong-. . . futhi abonga kuWe, ukuthi baKwemukele, bazalwa kabusha. Wena ukugcobile lokhu kusukela ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Ukumemezelile. Wathi, "Nginezinto eziningi ukukutshela zona, engingeke ngakutshela zona manje. Kodwa ngenkathi Yena uMoya oNgcwele esefikile, Uyokwembula lezizinto kinina, futhi uyonifundisa anihole." Sinokubonga okukhulu, kulokhu kusa, ngoMoya oNgcwele ombula iZwi likaNkulunkulu. Wena wathi, "Futhi Uyoletha lezizinto kowaMi . . . enkumbulweni wenu, Engizishilo kini. Futhi Uyonikhombisa izinto eziyakuza."

204 Sijabula kakhulu ukuthi Unathi namhlanje. Futhi ngezimfundiso zeZwi, nokusebenza kukaMoya oNgcwele, ubangele amaKristu ukuba aphaphanyiswe, wabangela izoni ukuba zize kuYe, abahlubuki baphinde bazehlukanisele bona uqobo. Baba, baphezu kwealtare. Wabangela abagulayo nabakhathazekile, abahluphekile, ukuba beze futhi bakhothamise amakhanda abo, ukwamukela ukuphulukiswa komzimba wabo, bazi ukuthi iZwi laKho elikhulunyiwe liyiQiniso. Konke okunye kuyohluleka, kodwa iZwi laKho alisoze lahluleka. IQiniso! "Niyakulazi iQiniso, neQiniso liyakunikhulula."

205 Futhi siza ukwamukela, kulokhu kusa, lokhu Osihlinzekele khona, ekuhluphekeni kwaKho kokusimela nenhlawulo, ekufeni kwaKho, Owasenzela khona. Futhi ngokukhululeka, Nkosi Jesu, siyakwemukela. Siyalikholwa iZwi likaNkulunkulu. Sikholwa ukuthi Wethembisile, "Loyo oyoza kiMi, Angeke nangayiphi indlela ngamlahla ngaphandle." O Nkulunkulu, isithembiso esinjena pho! Akunandaba ukuthi kungokwani, Wena wathi, "Ngenkathi ukhuleka, kholwa ngukuthi uyakwemukela okucelayo. Uyakukwamukela."

206 Manje, Baba, uma sikukholwa ngokoqobo, kuyaxazulula. Siyakukholwa. Kuqediwe. Khona-ke sisebenzela phezu kokuvuma kwethu, ukuthi Usenzele khona. Kungesikho ukuthi sifanele; asifanele. Kodwa ngomusa waKho ongasifanele esinawo ngaWe, sikholwa ngukuthi umsebenzi usuqediwe.

207 Futhi njengalaba abazisolayo, nalabo abezayo kulokhu kusa, abazihlukanisela bona uqobo, nalabo abazele izinzuzo zokukhathazeka, njengoDavide wathi, "Bonga iNkosi, O mphefumulo wami, futhi ungakhohlwa yizo zonke izinzuzo zaKhe; Lowo owathethelela zonke iziphambeko zami, ukuhlubuka kwami; futhi lowo owaphulukisa zonke izifo zethu." Lokho izinzuzo zekholwa. Futhi siyakwemukela, ngokukholwa, kulokhu kusa, ngokuza phezu kweZwi likaNkulunkulu, elakhulunywa ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Uma kwakungenzeke ukuba khona kwenzeke, ngakho-ke kungenzeke kithina ukuba singatholi lokho esikucelayo, uma sikucela ngethemba lokukholwa. Futhi lokho kulele ezinhlizweni zethu, Nkosi, ukwamukela esikucelile.

208 Jesu, sisondeze eduze nesiphambano. Lapho isitha siza njengesikhulukhula, Nkosi, nyusa ibhanela umelane naye. Busisa leli elincanyana, ibandla elilindile. Nkulunkulu, engathi uMoya waKho oNgcwele ungathatha laba abahlukanisele izimpilo zabo, lamadoda nabesifazane abaguqe ealtare. Laba aboni abezayo futhi bakhothamisa amakhanda abo, bathathe ubayise eMbusweni waKho.

209 Nkosi, ngiyaqonda ukuthi ukukholwa okungokwabo uqobo, ngomzuzu bekholwa nguWe, loyo ngumzuzu Wena obamukela ngawo. Ngoba Wena uthe, "Akukho muntu ongeza uma uBaba waMi engamdonsi. Futhi wonke ozayo, Ngizomnika ukuPhila okunguna phakade, futhi ngiyomvusa ngosuku lokugcina." Lelo yiZwi laKho, Nkosi. SiyaLikholwa.

210 Futhi kuphelile, umsebenzi ufeziwe, futhi siyaKubonga ngakho. Sibonga Wena ngokuphulukiswa kwawo wonke umzimba, kuwo wonke umphefumulo okhathazekile, kuyoyonke into ukuthi eyaKho . . . Labo ababenezandla ezibuthakathaka zilengela phansi, labo ababesaba, labo abakade bezibuza. UDavide wathi, "Ngenkathi ngisatshiswa, ngathuka, khona-ke ngathemba kuWe futhi ngaqhubeka."

211 Nkulunkulu, asibhekise amakhanda ethu phezulu, kulokhu kusa; singesiwo amagwala, kodwa amaKristu akholelwa kuJesu Kristu. Engathi singaqhubeka, nobufakazi bethu bukhanya. Kwangathi, ngokuphulukiswa komzimba wethu, ngobufakazi bensindiso yethu, engathi singazuza abanye beze kuWe. Siphe khona, Baba, njengoba bonke ealtare sibabekile. Siphe khona okoDumo lwaKho, njengoba sikholwa Wena futhi silinda kuWe, Nkosi.

212 Lapha yilapho, sigeza nje ebuhleni baKho, sigeza esithembisweni saKho, sizwa leyondumiso kaMoya oNgcwele usifunisisa ukuba size kuWe. SiKuthanda kangakanani! SiKudumisa kangakanani!

213 NgiKudumisa kangakanani, Nkosi! Uqobo lwami, lapha emuva kwaleli tafula elingcwele, nezandla zami ziphakamele kuWe, ngiyaKukhonza, Nkulunkulu wami. Ngikhonza Wena. UnguMphulukisi wami, uMsindisi wami, iNkosi yami, uMhlinzeki wami, uBaba wami, uMfowethu! Konke kukho konke okwami kuhlala kuWe. Ungamandla ami. Phambi kwabantu ngi . . . Wena . . . uDavide wathi, "NgiyoKukhonza enhlanganyelweni yezinceku." Futhi ngiyoKunika indumiso phambi kwabangcwelisiwe kulokhu kusa. NgiyaKudumisa ngokungiphulukisa. NgiyaKudumisa ngempilo yami. NgiyaKudumisa ngesimo sempilo sami. NgiyaKudumisa ngokulunga Ongikhombise khona. NgiyaKudumisa ngabangani bami. NgiyaKudumisa ngayo yonke into, Nkosi. Uyamangalisa, injabulo engakhulumekiyo negcwele inkazimulo! NgiKudumisa kangakanani!

214 NgingaKutusa kangakanani kokhandlekile! NgingaKutusa kangakanani koyisoni, njengoMsindisi! NgingaKutusa kangakanani kogulayo, njengomPhulukisi! NgingaKutusa kangakanani kumhambuma, njengeNkosi! O, ngiKuthanda kangakanani, kulokhu kusa! Ngingatusa kangakanani—ngitusa Wena, Nkosi, kulabo abanyatheleke phansi, babe—babe yinjabulo ejabulisayo kwikhempu! SiKubonga kangakanani!

215 O, Wena uliDwala endaweni yabakhathele, uMpheme esikhathini sesiphepho; isiQalo, isiPhetho, isiQalo nesiPhetho; iMbali yaseSharoni, uMnduze weSigodi, iNkanyezi yoKusa! O, siKuthanda kangakanani! SiKukhonza kangakanani futhi siKudumisa kangakanani, Wena Ongenakuqhathaniswa oPhakade! SiKunika udumo. O, sizoKukhonza, futhi siKunika udumo, kuyoyonke iminyaka!

216 Samukele, Nkosi, njengoba sinikela lezizibusiso, izithelo zodebe lwethu. Wathi, "Singabantu abayinqaba, abasebukhosini bobupristi, sinikele umnikelo wangokomoya, izithelo zezindebe zethu zinika indumiso eGameni laKhe." SiMdumisa kanjani! SiMkhonza kangakanani njalonjalo futhi njalo! O, mukela ukubonga impela kwenhliziyo yethu, yenza izindebe zethu, Nkosi, ukuthi okuvela ekujuleni kwenhliziyo ecolekile sikhonza Wena. Sazi, ukuthi, akusikho lokho esingakwenza. Akusiyo impilo yethu; yiMpilo yaKhe. Akusiyo insindiso yethu; yinsindiso yaKhe. Akusilo izulu lethu; yiZulu laKhe. O, asisiyo imisebenzi yethu; siyimisebenzi yaKhe. Akusuwo umusa wethu; ngumusa waKhe. Akusilo udumo lwethu; kodwa udumo lwaKhe. Akusiwo amandla ethu; kodwa ngamandla aKhe. O, siKuthanda kangakanani! Akusilo ibandla lethu; kodwa yiBandla laKhe.

SiKukhonza kangakanani, ngokuba lokho yizinhliziyo zethu, Nkosi. Leyo yizinhliziyo zethu. Samukele.

217 O Nkulunkulu, thumela iTabernakele likaBranham elincane ukuthululwa kukaMoya. Uyokwenza, Nkosi na? O, singabadingayo, lapha ekhoneni. Nkulunkulu, thumela phansi isihlambi sezibusiso. Thulula imvula kaNkulunkulu, eyasekuqaleni neyakamuva.

218 Bhaphathiza umelusi wethu, kabusha, Nkosi. Mvuthise ngeVangeli. Siyamthanda, namhlanje, Nkosi. Uyinceku yaKho. Siyakhuleka ukuthi Uzogcoba inhliziyo yakhe.

219 Gcoba izinhliziyo zabanye abashumayeli endlini kulokhu kusa, nalolonke ilunga. Engathi singaphuma lapha, Nkosi . . .

220 Futhi ungakhohlwa eyaKho eswele, engafanelekile inceku, mina uqobo, Nkosi. Ukuthi Uzongigcoba kabusha ngoMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi.

221 Siphe lezizibusiso. Ngokuzithoba silinde ealtare, sazi ukuthi siyakwamukela, sizigeza thina uqobo kuMoya waKho oNgcwele; futhi singenamahloni eVangeli likaJesu Kristu, aMandla kaNkulunkulu, kuyo insindiso. Sibonga kangakanani Wena ngaKho!

222 Ngolunye usuku olukhazimulayo, sithemba ukuKubona, Nkosi, sibeke izandla zethu phezu kwezinyawo zaLowo omi nathi namhlanje, lowo esingeke sambona, kodwa siyazi ukuthi Ulapha. SiMdumisa kangakanani!

> . . . ezansi kulowo muzi,
> Ilanga alisoze lashona;
> Izimbali ziqhakaza njalonjalo,
> Nelanga alisoze lashona.
>
> Ngizwa sengathi ngingahamba ngiqhubeke, ngiyakwenza,
> Ngizwa sengathi ngingahamba ngiqhubeke;
> Izimbali ziqhakaza njalonjalo,
> Nelanga, alisoze lashona.

Bangaki abezwa ngaleyondlela na? Phakamisa isandla sakho.

> Ngizwa sengathi ngingamemeza, ngezinye izikhathi ngiyakwenza,
> Ngizwa sengathi ngingamemeza, ngiyakwenza;
> Izimbali ziqhakaza njalonjalo,
> Nelanga, alisoze lashona.
>
> Ngizwa sengathi ngingahamba ngiqhubeke, ngiyakwenza,
> Ngizwa sengathi ngingahamba ngiqhubeke;
> Izimbali ziqhakaza . . .?. . .

223 Wena nguWe osekhandeni lesikebhe, Nkosi. Wazi konke ngaso. Sicela lesi sibusiso eGameni likaKristu. Amen.

224 Baba othandekayo oseZulwini, njengoba sidlula sehla ealtare, sibeka izandla kulabo mhlawumbe abalinde ukuqhubeka kwezibusiso, kwangathi uMoya oNgcwele, ongathintanga nje ngendlela ekahle . . . Kodwa siyakhuleka, Baba oseZulwini, ukuthi Uzosipha isibusiso . . . ? . . . O, khuluma, Baba oseZulwini, yiba nomusa kudadewethu.

225 Baba othandekayo oseZulwini, njengalona wesifazane othandekayo lapha ehamba enyuka lapha ngokukholwa . . . Izinsuku eziningi ubelapha; lezizinwele ezimpunga nokushwabana . . . ? . . . Kodwa omningi kangakanani umsebenzi onzima obufanele udlule ngapha. Akukho ukungabaza kodwa lokhu lezizandla ezinakho kwehlela phansi emakhasini eBhayibheli, kuphakanyiselwe kuWe. Akungabazeki, kodwa yiqiniso enhlizweni, kulokhu kusa, njengoba exhuga phakathi kuleli bandla, nenduku yokuxhugela ekhwapheni lakhe. Kodwa manje, ngokukholwa, uyibeka phansi, ukuba ahambe. Mphilise, Nkosi. Uzele izibusiso zikaNkulunkulu. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu waseZulwini, ukuthi Uzombusisa. Futhi kwangathi engangaphinde abe nokuba nakho, izinsuku zonke zokuphila kwakhe. Muphe amandla emzimbeni wakhe. Mvumele azuzele Wena imiphefumulo, Nkosi, emMbusweni kaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

226 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Unga . . . Awusoze wafuneka usebenzise leyonduku yokuxhugela endala, angikholwa, nhlobo. Usukahle, futhi ngiyakholwa uya ekhaya ngaphandle kwayo. Amen. Uma usuphuma ngaphandle kwesakhiwo, yibeke ehlombe lakho, futhi uqhubeke ngaphandle. Konke kobe sekuphelile.

227 Baba, Nkulunkulu, siyakhuleka ukuthi Uzobusisa lona wesifazane omi lapha namhlanje. Menze aphelele ngokuphelele. Siphe khona, Baba. Sibeka izandla phezu kwakhe futhi siyakholwa, eGameni likaJesu.

228 Baba, Nkulunkulu, sibeka izandla phezu kukaDadewethu Slaughter, futhi simcelela ukuba aphulukiswe. [Akuqoshwanga eteypini.—Umhl.]

229 Nkulunkulu othandekayo, sibeka izandla phezu kowethu . . . [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]

230 Angazi ukuthi uzizwa unjani. Ngizocula ivesi; culani ikhorasi kanye nami.

> Owokuqala ukufela lelicebo likaMoya oNgcwele,
> KwakunguJohane umBhaphathizi, wafa njengendoda;

Ngakho-ke kwafika iNkosi uJesu, baMbethela,
Washumayela ukuthi uMoya ubuyosindisa abantu esonweni.

Liqhubeka livuza igazi, yebo, Livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele (NgiyaLithanda.), Livuza igazi,
Igazi lababafu-. . .(Izwe alisho abafuna ukukusho.). . .abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele liqhubeka livuza igazi.

Ngakho-ke bakhanda ngamatshe uStefani, washumayela emelene nesono
Wabacasula kakhulu, badumela ikhanda lakhe;
Kodwa wafa eseMoyeni, wanikezela ngomoya,
Futhi wahamba ukujoyina abanye, leso sixuku sabanikela ngempilo.

Laqhubeka livuza igazi,. . .
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, livuza igazi.

Nango uPetru noPawulu, noJohane umfundisi,
Banikela ngezimpilo zabo ukuze leliVangeli likhanye;
Baxubanisa igazi labo, nabaprofethi bakudala,
Ukuze iZwi leqiniso likaNkulunkulu ngobuqotho belingashunyayelwa.

Liqhubeka livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi.

Imiphefumulo engaphansi kwealtare, ikhala, “Koze kubenini na?”
Ukuba iNkosi ijezise labo abenze okubi; (Lalelani.)
Kodwa kuyoba nabaningi abayonikela ngegazi lempilo yabo,
NgaleliVangeli likaMoya oNgcwele nokuwululeka kwesikhukhula.

O, Liyaqhubeka livuza igazi, yebo, Livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livu-. . .

231 Bangaki ojabulile kulokhu kusa ukuthi wemukele uMoya oNgcwele na? Phakamisa izandla zakho. AKumangalisi na? Impela.

Livuza i . . .

232 Xhawulanani nomngani wakho ome eduze kwakho.

. . . livuza igazi,

Thani, "Mayidunyiswe iNkosi, mfowethu, ngakho konke ukulunga kwaKhe."

. . . Vangeli likaMoya livuza igazi,
O, igazi labafundi abafela iQiniso,
Leli . . .

UNkulunkulu akubusise, mfowethu. UNkulunkulu akubusise.

. . . Vangeli livuza igazi.

O, Livuza igazi . . .

Yikho. Phakamisani izandla zenu.

Livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

Livuza igazi, (Haleluya!) livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, o, Livuza igazi,

[UMfowethu Branham ukhuluma nabantu abazungeze ialtare—Umhl.]

. . . igazi, yebo, Livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, Livuza igazi.

Wonke umuntu makalicule!

Igazi labafundi . . .

233 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. [Udadewethu uthi, "Mfowethu Branham . . . ? . . . —Umhl.] Yebo. [" . . . ? . . . iminyaka emithathu kamuva."] Kuyamangalisa! Ngiyajabula kakhulu ukuzwa lokho. ["Ungitshelile, ukuba benginethuba lokukhuluma nawe, ukusho kuwe u, 'Helo.'"] UNkulunkulu akubusise!

234 Inenekazi lakhulekelwa nje; ubelokhu ehamba manje iminyaka emithathu, etusa uNkulunkulu.

Manje ake sicule leliculo elihle elidala. Bangaki olithandayo leli na?

Ithemba kuBaba, ithemba eNdodaneni,
Ithemba kuMoya oNgcwele, okuthathu kokuKodwa.

Kulungile, dadewethu, sinike.

Ithemba e. . .Ndodaneni,
Ithemba kuMoya oNgcwele, okuthathu kokuKodwa;
Amademoni ayothuthumela, naboni bavuke:
Ithemba kuJehova yonke into liyo. . .

235 Bangaki othanda esihle esijabule isixuku esinjengalesi na? Kungani, uNkulunkulu akubusise, dadewethu. Asicule sonke manje. Wonke umuntu, ekugcineni kwephimbo labo. UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ngiyabonga, dadewethu. UNkulunkulu akubusise. Amen. UNkulunkulu akubusise. [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Yebo. Amen. Amen. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise.

236 [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, dadewethu othandekayo. UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

237 [Akuqoshwanga eteypini—Umhl.]. . .izandla zakho, futhi ulicule manje.

UNkulunkulu abe nawe size sibonane. . .

238 UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Kelly. Ngithokoze kakhulu ukukubona phezulu lapha! [UDadewethu Kelly manje ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Kulungile. UNkulunkulu akubusise.

239 Wonke uyazi ukuthi ubani lona omemezayo. NguDadewethu Kelly. Niyazi, ubezo. . .U—udeveli uzame ukumbulala phandle lapha, ngengozi yemoto, futhi kwamyisa phandle lapho esibhedlela, wonke esikekile, futhi bathi ubengeke aphinde ahambe, nakho konke. Kodwa, umusa kaNkulunkulu! Nguye owaphiliswa. [UDadewethu Kelly uthi, “Makadunyiswe uNkulunkulu! Makadunyiswe uNkulunkulu!”—Umhl.] Kuzwakala njengeSalvation Army phezulu lapha namhlanje ekuseni. Asidumise iNkosi ngaye, wonke umuntu! Nonke wozani, hlanganani noDadewethu Kelly, futhi nimxhawule njengoba niza nidlula.

240 Ngiyazi nonke niyajabula ukubona udadewenu. Futhi, lapha, yehlani nimxhawule, khona lapha ealtare. Nonke kwenzeni, wonke umuntu. “Ngiyajabula ukukubona!” Awu, ayidunyiswe iNkosi!

Size sibonane! size sibonane!
UNkulunkulu abe nawe size sibonane futhi!

Mfowethu Neville.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu; (Size sibonane!)
Size sibonane! size sibonane!

UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville. Amen. UNkulunkulu akubusise.

241 Asime futhi sikhothamise amakhanda ethu okomzuzu nje, nizokwenza, ngenkathi umfowethu esikhipha. Khothamisani amakhanda enu okomzuzu nje ekukhulekeni. Mfowethu Neville, uma uthanda.

